


# UKUBA NAKHO KONKE

 Ngiyajabula kakhulu ukuba lapha. Ngiyayithakasela imikhuleko yenu lapho nizwe ngengozi encane engibenayo. Kukhombisa nje ukuthi uSathane angeke akuthathe kuze kube uNkulunkulu uselungele. Futhi ngiqagele ukuthi abaningi benu bayazibuza ukuthi kanjani...kwenzekeni. Bengihlala njalo ngingothandwayo...Njengoba nazi ngi...ukuzilibazisa kwami, noma lokho engiziphumuza ngakho, ngukuyodoba noma ngiye ezansi enkanjini ngiyodubula, noma ngiye kuzingela, noma into enjalo. Ngiyajabula ngalokho. Ukube bengidlale igalofu, bekuzobe kungale ngaphandle lapho abesifazane abanqunu uhhafu. Futhi ukube be—bengingumdlali webhola, niyazi ukuthi bekuzoba yini, lokho. Kodwa ngi—ngiyajabula ukuthi bekungaphandle, njengokudoba, ukuzingela nezinto.

<sup>2</sup> Futhi bengihlala ngizithokozela ezinye zalezozibhamu ezinkulu amaWeatherby Magnum. Futhi ngicabanga ukuthi omunye ngabe wangithengela sona ukuba bengisho okuthize ngaso, kodwa ngikucine kimi ngoba kuyimali eningi kakhulu abayifunayo ukuba uyifake lapho, nami ngazi izithunywa zenkolo ezingenazicathulo ezinyaweni zazo. Futhi-ke uvumele umuntu akhokhele lokho, athathe imali engako futhi akhokhele isibhamu esikhulu na? UMfowethu Art Wilson unikeze uBilly emuva lapho imodeli seventi iWinchester kungekudala, i-thu-fifti-seveni Roberts. UMnu. Weatherby wakhapha iphepha ukuthi angathatha leso sibhamu oshintshweni oluncane nje lapho futhi enze i-Weatherby Magnum ngaso, siphophe ngokuphelele. Ngakho uMfowethu Rodney uza lapha enkonzweni, uMfowethu Rodney Armstrong wasihambisa futhi wayosiguqula saba yiWeatherby Magnum. Kwenzekile nje sangaguquleka kahle. Ngakho ngesikhathi ngisiquhumisa, yiWeath...iWinchester Company ithi isibhamu sabo sizokwazi ukumela umfutho ongamaphawondi angamakhulu angamashumi ayisithupha nesishiyagalolunye. Uyazi ukuthi lokho kungaba yini.

<sup>3</sup> Futhi ngangiphakamise isibhamu nje, uMfowethu Wood wehlela lapho nami, futhi kwakucishe ukuba iyintshi esweni lami, kanjalo. Futhi umfutho owaqhuma amaphawondi angamashumi asithupha nesishiyagalolunye amayadi angamashumi amahlanu, umbhobho wesibhamu waphuma ngasemgqeni ongamayadi angamashumi amahlanu, ibhawodi laphuma lashona emuva ngalendlela, nesibhamu savele nje sahlakazekela esandleni sami. Ilangabi lomlilo nje laphakama njengophahla lapho, futhi kwaba yilokho kuphela engakwazi umzuzwana noma emibili. Futhi, ngaphaphama, igazi laliphuma lintshaza kanje, futhi ngacabanga ukuthi bengibulewe, ngakho

ngathi nje ukuphatha isandla sami ngisiphakamise *kanjalo* okwesikhashana. NoMfowethu Wood...Ngazama ukubuka, futhi angikwazanga ukubona ngaleliso, futhi nganginkwazi ukuzwa nhlobo. Ngangizizwa sengathi ngangihamba phezulu emoyeni. Futhi ngabona uMfowethu Wood ehamba ebheke ngokwakuhlosiwe ukuyobuka ukuthi inhlamvu ishaye kuphi, futhi ngazama ukumnakisa. Wayesefika lapho sase siza senyuka. Futhi indingilizi yezimvithi zenhlamvu yayize ngqo ngasesweni. Futhi ubuso bami babubukeka sengathi uvele nje waphonsa ihembhega kubo, lapho ivele yaqhumela ebusweni bami. Futhi izingcezu ezinkulu zazinamathele nje ngenhla kweso, futhi zenza indingilizi ekake ithambo lamankanka ngqo nethambo logebhezi lwekhanda *lapha*. UDokotela Adair wazikhipha.

<sup>4</sup> Ezinsukwini ezimbalwa kamuva, kusobala, ngosuku olulandelayo, uDoc wayesesibhedlela yena qobo lwakhe. Bangithumelela kwisipesheli seso. Wathola indingilizi, ngezansi nje kwehlo, cishe izincezu ezingamashumi amathathu zezimvithi zenhlamvu zahamba zashona ekujuleni enhlamvini yeso. Angeke kukhishwe. Yahamba, yageja ukubona kweso futhi yenza indingilizi ngokuzungeza kanje. Wathi, “Into yinye kuphela engiyaziyo,” wabhalela uDokotela Adair incwadi, wathi, “iNkosi enhle kufanele ukuthi beyihlezi naye ebhentshini, ukuvikela inceku yaYo, noma ukuba bekungenjalo bekungeke kusale ngisho ikhanda kuye.” Konke uMfowethu Wood ayengakuthola bekuyoba nje ukusuka *lapha* uyephansi, niyabo. Lowomfutho owaqhuma waya emuva! Angazi ukuthi kwakwenza kanjani. Kodwa lelobhawodi elikhulu elisindayo elaphuma kwimodeli seventi laliqhume lonke lashona le emuva, uma uyazi iConservation Club lapho ikhona khona, konke kuyofika le ehlokweni lezinyamazane idiye. Futhi enye ingxenye yesibhamu asizange siyithole.

<sup>5</sup> Ngakho, kuvele nje kukhombise okuthize. Nginentshumayelo ngolunye usuku kulokho, iNkosi ithanda, ngokuthi “Ukuguqulwa kukahle, kodwa kungcono ukugcine kuphansi. Uma kungamiselwanga ngaphambili emthwalweni okuwuthathayo, kuzoqhuma ngasosonke isikhathi.” Kunjalo. Ngakho ngazami uku...Kungcono ukuba ngokwasekuqaleni. A, hha. Kodwa hhayi ukugcona okusuka...[Udadawethu ukhuluma ebandleni—Umhl.] Manje bukani, niyabo. Ku...O, kusobala, ungacabanga ukuthi izinto ziyoshiwo kanjalo.

<sup>6</sup> Kodwa, ngokwazi kwami, lapho—akukhonto nayinye... Kusobala, izindlebe zami, ungacabanga nje, isenakho ukunkenketha uma lemayikhrofoni iwawaza. Yingakho nje bengingekho *lapha* kulokhukusa. Uyakhuluma, uyakuzwa kuqhuma emuva naphambili. Kodwa bangithatha bangiyisa ngale kwisipesheli, sathi, “Ingaphakathi lendlebe alivuvukele ngisho. Bese-ke kuba yiso,” sathi, “uzoba nokubona nje njengoba bewunjalo ngaphambilini.” Sathi—sathi, “Kungene ngezansi

kokubona kweso. Futhi kwenze indingilizi ngasenhlamvini yeso, yazifaka lapho.” Wathi, “Uzohlala unezimvithi zezinhlamvu.”

<sup>7</sup> Ngathi, “Bengilokhu nginakho kusukela ngineminyaka emibili ubudala, lokho kuvela kwesinye.”

<sup>8</sup> UMfowethu Roberson emuva laphaya, ngambiza futhi ngangimshela ngakho. Wathi, “Ungakunaki lokho,” wathi, “Nginamaphawondi amabili noma amathathu kimi,” washo njalo. Ungumakadebona obuya empini. “Ngakho kungeke kube buhlungu, ngibe nenqwaba yakho.”

<sup>9</sup> Futhi ngikhumbula umbono weNkosi kungekudala. Niyangikhumbula ngixoxa lapha na? Ubumnandi beNkosi ngalokho kusa, wathi, “Ungesabi noma yini, nomaphi lapho uya khona, noma yini, ngoba uBukhona obungehluleki bukaJesu Kristu bunawe nomaphi lapho uya khona.” Ngakho yena angeke akwazi, uSathane angeke angibulale kuze kuba yilapho uNkulunkulu ethi “sekuphelile.” Niyabo? Angahle akuzame, kodwa ngeke aphumelele ukukwenza.

<sup>10</sup> Ngakho khona-ke, into engavamile, bengiqhubeka noma kanjani, ngiqhubekela emhlanganweni wami, engikwazi ukuwubona ngaleliso langekwesokunxele kahle, futhi bengiqhubekela emhlanganweni noma kanjani. Futhi-ke bona, umfowethu obeya endaweni yezokongiwa yaseNdiya, kudingeke ukuthi awukhansela lowomhlangano, noma ukuhlehliswa, ngize ngibuyele eWest Coast futhi ngiye eWest Coast. Ngakho sizothatha umhlangano lapho. Futhi ngalesi sikhathi, uMfowethu Arganbright ungibambile, futhi-ke uma lowomhlangano sewuphelile, ngizophinde futhi ngiye e-Anchorage, e-Alaska. Isizathu ukuthi bengincike kakhulu kakhulu...

<sup>11</sup> Abaningi benu bayawukhumbula umbono engibe nawo, lapho ngadubula khona ibhele elimpunga, ibhele elingamafidi ayisishiyagalolunye elimpunga, (nebandla liyakhumbula ngikuxoxa lapha), nekharihbhu. Ngineminye. Khumbulani ukuthi kusetyipini lapha, ngibone ibhele elikhulukazi elinsundu. Lokho kungahle ukuba yiKodiak futhi bekungeke kusebenze lapha eCanada, ngoba awekho lapho, niyabo. Kodwa noma ngabe iyoba kuphi, iyobakhona. Iyobakhona, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Iyobakhona. Niyabo?

<sup>12</sup> Futhi manje ngiyanibonga ngokungikhulekela. Bengazi ukuthi iningi lenu lizobe likhuleka uma lizwa ukuthi ngilimele. Futhi iqembu elilodwa nje elincane eli...Indodakazi yami emuva lapho, uRebekah, ibhalele uDadewethu Dauch oza lapha ebandleni, incwadi, futhi wamtshela ngakho. Futhi washayela uMeda ebusuku obuthi abube bubili emva kwalokho, wathi, “Angazi noma kwasiza noma qhabo, kodwa sonke sibuthana lapha ndawonye.” Umfundisi weMethodisti no—noMfowethu Brown, isihlobo sabo nabo bonke bahlangana

ndawonye, bangikhulekela ubusuku bonke. Wathi, “Angazi noma uNkulunkulu wezwa yini noma qhabo, kodwa, sasazi ukuthi uMfowethu Branham wakhulekela abaningi kakhulu, sicabange ukuthi singamkhulekela.” Yilolohlobo Aluzwayo, niyabo. Kulungile, lezo uhlobo olunjalo!

<sup>13</sup> UMfowethu Crase, omunye wabazalwane bethu lapha, uSathane emlandela maduze nje, washayisa umsele, o, wavele nje wasika okwakhe...ngokuphelele. Angiboni nokuthi uze waphuma kanjani kuyo ephila. Futhi ngakho-ke ubelele ngaphandle lapho esibhedlela futhi wathi bekunomfowethu omncane oweza evela eNew Albany, othiwa uMedcalf, futhi wathi, “Mfowethu Crase, ngi—ngi—angifanele ukuza ngizokukhulekela, kodwa,” wathi, “iNkosi ikubeke nje enhliziyweni yami, ngakho angikwazi ukuzibamba.” Futhi waphuma nje futhi waguqa phansi, wase esho umkhuleko omncane futhi waphuma. UNkulunkulu waphilisa uMfowethu Crase khona lapho. Niyabo? Ngesikhathi, niyabo, isipho sokuphilisa eMzimbeni kaKristu, niyabo, elinye ilunga kwelinye.

<sup>14</sup> Ungacabangi nje ukuthi ngoba nje uyilunga lebandla nje; ukuthi, uyilunga nje njenganoma ngubani omunye. Lokho kunjengomunwe wami nje njengoba lengalo iyungalo yami, noma lendlebe iyindlebe yami. Niyabo? Yilunga lomzimba kuphela nje. Futhi sonke si... Uma ilunga elilodwa lizwa ubuhlungu, onke amalunga ezwa ubuhlungu kanye nalelo. Ubunye, yeka ubunye obubusisekile! Manje ngi...

<sup>15</sup> Ngakho emva kwalokho, manje, ngithathe ezinye futhi izinkonzo futhi ngezwa isikhathi esincane lapho okobusuku futhi netabernakele, uma iNkosi ithanda. Futhi, uma uNkulunkulu ethanda, kuleliSonto elizayo ekuseni ngifuna ukukhuluma ngo*Mkhondo WomProfethi*, futhi-ke, etabernakele.

<sup>16</sup> Kusasa ebusuku, noma ngeSonto ebusuku, ngisenhla lapha eGospel Tabernacle, omunye wabafowethu, uMfowethu Ruddell. Ngifuna ukukhuluma ngendaba ethi, *Ukudedela INgcindezi*, uma iNkosi ithanda.

<sup>17</sup> Bese kuthi-ke ngoLwesibili olulandelayo, sifanele sisuke khona-ke siye eWisconsin, nengqungquthela yesifunda yeFull Gospel Business Men. Futhi ngizoba lapho ubusuku obuthathu. Lokho kuse... Billy, yini igama lalodolobha na? Yemukelwe... [UMfowethu Billy Paul Branham uthi yi, “Green Lake.”—Umhl.] Green Lake, eWisconsin. [“NgoLwesine.”] Nini [“NgoLwesine, ngoLwesihlanu, noMgqibelo; ziyishumi nesikhombisa kuya ziyishumi nesishiyagalolunye.”] ngoLwesine, ngoLwesihlanu, nangoMgqibelo; ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, neshumi nesishiyagalolunye, eGreen Lake, eWisconsin, engqungqutheleni yesifunda.

<sup>18</sup> Bese-ke ngeSonto, zingamashumi amabili, ngiseChicago ehholo elikhulu leSikole eSiphakeme, lelo hholo elikhulu elifanayo esasikulo ngesikhathi sokugcina. Uyalikhumbula igama lalo na? [UMfowethu Billy Paul uthi, “Stephen Mather.”—Umhl.] Ihholo elikhulu laseStephen Mather High School, yangeSonto ntambama.

<sup>19</sup> Bese-ke ngoMsombuluko ngingale e...Ngiyalikhohlwa igama lendawo lapho iNkosi ingikhombise khona ingqungquthela ngalesosikhathi ngeMinisterial Association of Chicago, umhlangano nami ngokuxoxisana ngezifundo, niyazi. Ngathi, “Futhi iNkosi ingikhombise ngaley a kuleyondawo.” Kungumhlangano wokuvalalisa uMfowethu Joseph Boze, ozobe elapha kusasa ngendiza ukuzongibona, nephathi yakhe yokumvalalisa ngoMsombuluko.

<sup>20</sup> Bese-ke siza ngqo ekhaya bese siyahambe-ke, ngoba kuzobe sekuyisikhathi sokusuka siye eSouthern Pines, eSouth Carolina, noma eNorth Carolina. Bese-ke sehlela eColumbus, eSouth Carolina. Bese-ke siya eCow Palace eWest Coast. Bese-ke sikhuphuka sidabule eGrass City, futhi senyuke singene eSpokane, siyongena eCanada, bese-ke siya e-Alaska. Ngakho sikhulekeleni, siyidinga ngempela imikhuleko yenu.

<sup>21</sup> Futhi sifundisiwe emBhalweni ukuthi zonke izinto zisebenzelana kube ngokuhle kulabo abamthandayo uNkulunkulu. Futhi ngiyakholwa, kusukela kulokhu, futhi ngibona ukwethembeka kwabantu nokunye nokunye... Omunye wathi, “Bekungenzeka kanjani, futhi uNkulunkulu ubengakuvumela kanjani na?” Bengingabulawa emgwaqeni ngisaya ngaphandle lapho, okuthize noma okunye, U—Nbenento ethize ukukweqa. Khumbulani, imiBhalo ingeke yehluleke, “Zonke izinto zisebenzelana kube ngokuhle kulabo abamthandayo uNkulunkulu.” Futhi, uma ngiyazi inhliziyi yami, ngiyaMthanda. Ngi—ngiMthanda ngayo yonke inhliziyi yami. Futhi kuisondeza kancane sisondelane.

<sup>22</sup> Futhi, ukucabanga manje, ukuthi yilowo nalowo ozwile ngakho, angeke akwazi ukuqonda ukuthi lisele kanjani ikhanda noma amahlombe, niyabo, futhi ngihlezi kukho konke lokho kuqhuma. Lokho, kusondele *kangaka* kimi, obekungacishe kube ngamaphawondi ayizinkulungwane ezimbili eqhuma ngqo ebusweni bakho. Niyabo, lokho kwenele nje ukuthi kukuhlakaze, niyabo, kuvele kuyishanyele nje. Uma kuqhuma isibhamu esinamandla sensimbi futhi kuvithize lowombhobho uphumele lapha emgqeni wamayadi angamashumi amahlanu, no—nomphini wesibhamu, kumele nje nisibonile isibhamu. Akubukeki nje kuyisibhamu, izincezu nje ezibuthiwe.

<sup>23</sup> Futhi-ke, kulokho, ngaphandle kwesici esisodwa. Akadunyiswe uNkulunkulu ophilayo! Kwenele nje ukungivimba ukuthi ngenyukele phezulu lapho kuze kuba igama elivela ku-Eddie ukuthi angifanele ukuba ngize ngalesosikhathi. “Umusa

omangalisayo, umnandi kangaka umsindo, owasindisa ompofu onjengami!” Futhi kusenza sazi lokho, ukubonga uNkulunkulu ngokuba nathi. UNkulunkulu unathi, futhi sibonga kanjani pho!

<sup>24</sup> Manje, ngishilo kulokhukusa ukuthi bengicabanga ukuthi ngizokwehla, wase-ke umfowethu oyigugu lapha ngenkathi ngibuya... Ngathi kuDadewethu Wood namhlanje, ngiqagele uMfowethu Neville... uBilly wangibiza wathi, “Lalela umlayezo uma ungakwazi.” Futhi ngikholwa ukuthi uphisi omncane waleyonsimbi uye wasebenza futhi wehlela ngezansi phakathi esweni lami lapho, ubunginika indlela embi impela ukuthi ngihambe, kodwa sewuphumile manje. Bawuwashile waphuma. Futhi ngakho-ke wathi... Kusihlwa bengicabanga ukuthi ngizokwehla, futhi lowo mfowethu oyigugu mhlawumbe eshumayela kanjalo, ngiyazi ukuthi kuyini uma unenkonzo eyodwa enkulu bese-ke usha izwi ngempela, niyazi, no-nomphimbo ushisa futhi ubuhlungu. Ngakho ngicabange ukuthi ngizoya ezansi, futhi ngithathe imiBhalo embadlwana ukuthi ngiyifunde. Ngicabange ukuthi, “ubusuku beSidlo.”

Ngihlala njalo ngifuna ukuthatha isidlo senkosi.

<sup>25</sup> Ngakho-ke benginabangani abathi ababe babili, bakhona lapha ndawondawo. Angiboni kahle kakhulu, njengoba niqonda. Kusenomuthi ibheladona kuleloso elivuvukile, ithi nje ukufikiza. Futhi ngakho-ke balapha, abangani nezihlobo zomfowethu omuhle oyigugu, uF. F. Bosworth, oseNkazimulweni. Ngakho iNkosi ibabusise labo bantu, sibe nje nomkhuleko wabo egumbini elingemuva.

<sup>26</sup> Manje, ningakhohlwa, ngoLwesithathu ebusuku enkonzweni yethu yomkhuleko yaphakathi neviki. Futhi ngicabanga ukuthi, uMfowethu Jackson, eyakhe ingoLwesine ebusuku. Futhi uMfowethu Junior phezulu lapha use... Noma, uMfowethu Ruddell ungoLwesithathu ebusuku. Futhi itabernakele e-Utica ingoLwesithathu. [UMfowethu Neville uthi, “Leyo ingoLwesine ebusuku.”—Umhl.] NgoLwesine ebusuku. Bese-ke ngibuya lapha ngeSonto ekuseni ngenkonzo yebandla.

<sup>27</sup> Futhi-ke manje, futhi ngeSonto ebusuku ngizohlangana noMfowethu Ruddell. Bengizokwenza ngoLwesithathu ebusuku, kodwa ngeviki elilandelayo, kodwa ngingeke ngikwazi ukwenza lokho, ngakho ngibe sengiyibeka ngeSonto ebusuku. Kodwa manje abantu lapha etabernakele, bahlala khona lapha etabernakele, niyabo, ngoba ngenyukela kuMfowethu Ruddell ngalobo busuku nje ukukhuluma, hhayi mayelana nenkonzo yokuphilisa. Futhi, kodwa khumbulani, hlalani ngqo endaweni yokusebenzela, khona lapha etabernakele. Lena yindawo yenu, niyabo. Futhi-ke sizolindela isikhathi esihle. Futhi-ke nisikhulekele nonke sisahamba.

<sup>28</sup> Sethemba ukuthi uNkulunkulu uzohlangana nathi kusihlwa manje nje ngaphambi kwesidlo. Futhi manje ngicabanga... Yilezo kuphela yini esinazo, izimemezelolo, esizaziyo na? [UMfowethu Neville uthi, “Yebo.”—Umhl.] Manje, ukubeka indlela... [“Ngumngcwabo, kusasa ntambama.”] Ini, mfowethu na? [“Ngumngcwabo, kusasa ntambama, ngehora lesibili.”] Ngumngcwabo. [“E-Edmonton. Kamama ka J. T.”] O, yebo. Umngcwabo ka...omunye umfowethu wabavangeli bethu balelitabernakele lapha nje u...Awu, ungomunye wethu lapha. Uyaphuma futhi eluse futhi ashumaye, uMfowethu J. T. Parnell. Umama wakhe omncane oyigugu ushonile ngobunye ubusuku, umama omncane, oqhothile, ompunga. Futhi uzoba se-Edmonton, eKentucky. Inkonzo yomngcwabo ikusasa. Ngiyazi abaningi benu bebezibuza, bebengayisa izimbali kuye, kodwa asikwazanga. Futhi indlela kuphela ibandla ebelingayisa ngayo izimbali lapho, bebemele bashaye ucingo bese bethumela umhambisi-posi azikhiphe. Futhi kuzodingeka zihambe kusasa, noma zifika lapho noma qhabo, izimbali, kwenza kube nzima. Kodwa ngempela sifuna ukuzwelana naye, umfowethu, noMfowethu Parnell ngokulahlekelwa ngumama wakhe, okungukuthi, ngenze okufanayo maduzane nje. Futhi ngiqinisekile ukuthi uDadewethu Spencer nabanye abaningi lapha abahlanganyela ekuzwelaneni, nabo, osanda kuhamba emathunzini nezinsizi.

<sup>29</sup> Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, eBukhoneni baKhe, ngomkhuleko. Manje ngifuna ukuba ningikhulekele. Futhi kuthi ukuba nzima lapha kusihlwa, ukuzama ukubona, nalokhu kukhanya kufikiza. Futhi—futhi iso lami likahle, kodwa bafake umuthi ibheladona kulo ukuba livuleke. Niyazi ukuthi kuyini. Futhi belilokhu lingaleyondlela cishe izinsuku ezisiyithupha manje, niyabo, futhi uthe lingahle lihlale linjalo elinye iviki noma izinsuku eziyishumi. Ngakho ningikhulekele. Futhi—ke ukuwawaza kulemiyikhrofoni kushaya obondeni, ningikhulekele. Futhi ngingasibona isandla sakho, noNkulunkulu, njengoba unesicelo vele uphakamise isandla sakho. UNkulunkulu, uyawuphendula umkhuleko, njengoba sihlanganana ngobuqotho futhi sikhothame manje.

<sup>30</sup> Baba wethu waseZulwini, Wena ukhethile ukuthi sifanele sibuthane ndawonye. Kuyintando kaNkulunkulu ukuthi sifanele sizihlanganise ndawonye lapho sibona uSuku lusondela, nalokho njalonjalo, Nkosi, ukuthi sizisondeze eduzane naWe naseduze komunye nomunye, ekuhlanganeni kwenhlanganyelo, ngeGazi likaJesu elichithiwe elenza ukuba kwenzeke.

<sup>31</sup> Sibonga kakhulu kulobubusuku, Nkosi. A—a—angikaze ngibe nokubonga okungaka uku—ukuba lapha, Nkosi. Mina, nginokubonga nje kakhulu kuWe. Angikwazi nje ukuthola amagama ukuzwakalisa ukuthi ngibonga kangakanani ukuba ngibone nokuzwa, nokuba phakathi kwabaphilayo lapha

emhlabeni, ukuqhubeza iVangeli. Kusenza sibe ngababonga kakhulu, Nkosi, uma sibona ukuthi kuseduze kanjani lokho kuphela...Lapho amadoda okuqonda okukhulu nje eqala ukwenwaya ikhanda lawo athi, “Kungake kuze kube kanjani na? Kuphela isandla sikaNkulunkulu!” Ngakho-ke ngikhothamisa ikhanda lami ngokuthobeka, Nkosi, ukubona ukuthi isimangaliso sanikezwa mina, ukuthi senziwe lapho la inceku yaKho yayime khona. Ngibonga kakhulu. Futhi manje, Baba, nginikela impilo yami kabusha ekusebenzeleni Wena futhi, emva kokuhamba ezansi lapho. Akukaze kube khona empilweni ukusondela ekufeni kunangaleso sikhathi, bese-ke uyaphila. Ngakho ngibonga kakhulu.

<sup>32</sup> Futhi manje ngikhulekela bonke laba bantu abaphakamise izandla zabo kulobu busuku, ngamunye wabo ubenesicelo. Futhi abaningi babo banokubonga, cishe bonke, Nkosi, ezinhliziyweni zabo, ngalokho Obenzele khona nabo.

<sup>33</sup> Manje sizile kulobubusuku ukuba sihlangeane emcimbini okhethekile kakhulu, okungukuthi, ukuthatha lokho esikubiza ngokuthi “isidlo,” noma, i “Sidlo sakusihlwa seNkosi.” *ISidlo* ngu “kuxoxisana, noma ukukhulumisana.” Futhi yilokho esikwenzayo manje, Nkosi, ukukhulumisana neNkosi yethu, ukuxoxa, ukukhuluma, silinde kuYe ukuthola impendulo yaKhe.

<sup>34</sup> Futhi manje, Baba, sikhulekela ukuthi Uzoxoxisana nathi kulobubusuku ngeZwi elilotshiwe. Futhi usinike okuthize ezinhliziyweni zethu, ukuzinzisa uhambo lwethu—lwethu—lwethu, Nkosi, futhi usinike isibindi esisha. Futhi ubusise umelusi wethu, Nkosi, umfowethu oyigugu, inceku yaKho, nomkakhe nomndeni; nabadikoni nabaphatheli, nawo wonke umuntu oza ebandleni. O Nkulunkulu, sisondeze kakhulu kuWe. Kwangathi kungaba khona, njengoba imbongi yathi, “Libusisiwe igoda elibophela izinhliziyzo zethu othandweni lobuKristu. Ukuhlanganyela kwethu kwengqondo yobuhlobo njengaleyo eyaphezulu.” Siphe khona, Nkosi. Busisa zonke ezinye izikhonzi emhlabeni jikelele. Futhi manje, Baba, sihlephulele iSinkwa sokuPhila njengoba silindela kuWe. EGameni likaJesu Kristu, uMntwana waKho othandekayo, siyakucela. Amen.

<sup>35</sup> Manje, abantu abaningi bayathanda ukubhala phansi amazwi lapho umshumayeli angahle afunde khona. Futhi ngine...Kulentambama emva kokuphuma noMfowethu noDadewethu Wood...Besisezansi ukuyobona uMfowethu Gobel Roberson, futhi ngakho sikwenzile, egumbini lakhe lombukiso. Ngakho sabuya, futhi ngacabanga...uDadewethu Wood ubengitshela ukuthi umlayezo omuhle kanjani pho umelusi wethu abenawo kulokhukusa. Futhi kwenzekile nje ngacabanga ngomfo omncane bandla, angahle ukuba unomphimbo obuhlungu, futhi nami nginawo, kodwa ngi—



ngicabange ukuthi singahlephulelana lokhu ndawonye, mhlawumbe, uma engicilele ukuthi ngikhulume. Futhi ngabhala phansi amanothi ambalwa lapha engingathanda ukukhulumela kuwo.

<sup>36</sup> Kuqala, asiphenye kwabaseKorinte besiBili 6:7 kuya kwele 10. KwabaseKorinte bokuQala, isahluko se 6, ivesi le 7 nele 10, kufaka phakathi. Bese-ke kuba uGenesisi 14:18 kuya kwele 19. Futhi sidonse lapho, iNkosi ithanda, icon-...noma ingqikithi endikimbeni. Futhi manje ngizofunda kusukela kwabokuQala...noma kwabaseKorinte besiBili, okukuqala, kwabaseKorinte besiBili 6:7 kuya kwele 10.

*Ngezwi leqiniso, nangamandla kaNkulunkulu, nangezikhali zokulunga zesokunene nezesokhohlo,*

*Ngodumo...ihlazo, nangokuhletshwa nangokutuswa: njengabakhohlisi, kanti singabeqiniso;*

*Njengabangaziwayo,...kanti saziwa kakhulu; njengabafayo, kanti, bheka, siyaphila; njengabalaywayo, kanti asibulawa,*

*Njengabadabukileyo, kepha siyathokoza njalo; njengabampofu, kepha sicebisa abaningi; futhi njengabangenalutho, kanti sinakho konke.*

Genesisi 14:18 nele 19.

*UMelkisedeki inkosi yaseSalema waletha isinkwa newayini: wayengumpristi kaNkulunkulu ophezukonke...*

*Wambusisa u-Abrahama, wathi, Makabusiswe u-Abrahama ophezukonke, umphathi wezulu nomhlaba:*

<sup>37</sup> Futhi uma beningakubiza ngesihloko, ngingathanda ukukhuluma ngesifundo, ku...*Ukuba Nakho Konke*. NjengakwabaseKorinte lapha, thina...Kushilo ukuthi si-simpofu, kepha nokho sinazo zonke izinto. *Ukuba Nakho Konke*. Manje, ngiyakuthanda lokho. Manje kuGenesisi sifunda ngo-Abrahama ehlangana naleNdoda enkulu ebizwa ngoMelkisedeki, Owayengumnikazi wakho kokubili iZulu nomhlaba. Khona-ke, WayenguMnikazi wezinto zonke, uMnikazi weZulu nowomhlaba, okungukuthi, wezinto zonke.

<sup>38</sup> Manje, siyayazi indaba ka-Abrahama nokuthi kwenzekani. Wayebizelwe e-endaweni yomsebenzi. Wayebizelwe ngaphandle kwezwe lakhe, izwe lamaKhaledi, nedolobha lase-Uri, lapho wayekhona khona noyise nabantu bakubo. Futhi lapho kusezansi ezigodini zaseShinari, mhlawumbe izwe elivundile. Futhi u-Abrahama, njengoba siqonda, wayengeyena umuntu okhethekile kangako emehlweni ezwe. Futhi ngandlelathize, wayengesiyoy inkosi, noma ubukhosi, noma isikhulu. Wayengumuntu nje phaqa. Futhi wayeshade nodadewabo ingxenye, okwakunguSara, futhi mhlawumbe wayemshade

lapho wayeseseyintombi. Futhi uNkulunkulu wayembize eneminyaka engamashumi asiyikhombisa nanhlanu, empilweni yokukhonza, futhi kwakufaka phakathi nomsizi wakhe.

<sup>39</sup> Futhi khona lapha singahle siqale. Ngikholwa ukuthi uma uNkulunkulu ebizela umuntu enkonzweni, uma eyindoda eshadile futhi enomsizi, Ubiza umkakhe naye, ngoba bona bobabili bamunye. Futhi ngakho-ke, nomaphi lapho, siyathola kamuva ngalokho ukuthi uNkulunkulu ngabe wambulala uSara ngesikhathi engabaza umlayezo weNgelosi, eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu kamuva, ngesikhathi behlezi ngaphansi kom-okhi ngalolosuku, kodwa ngenkathi ehleka ngesikhathi iNgelosi imtshela, noma itshela u-Abrahama ukuthi uzoba ngumama, futhi uSara wahlekela ngaphakathi wayesethi, “Ngingaba kanjani mina, ngimdala na?” Enemyyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, nomyeni wakhe eneminyaka eyikhulu ubudala. Okwakhe owesilisa . . . isibeletho sakhe sasesomile iminyaka, nomzimba wakhe wase ufana nofile. Khona-ke wayengaba kanjani-ke nomyeni wakhe futhi na? Futhi wazihleka yena uqobo.

<sup>40</sup> Futhi iNgelosi, nomhlane waYo ifulathele ithende, yathi, “Uhlekeleni uSara na?”

<sup>41</sup> Futhi wakuphika. Manje, lokho kutshela uNkulunkulu ebusweni baKhe ukuthi Une “phutha.” Niyabo? Futhi lokho kwakungasusa impilo yakhe, kodwa uNkulunkulu akakwazanga ukususa uSara, ngoba wayeyingxenye ka-Abrahama. Niyabo? Futhi wayenesivumelwano naye, ngakho kwadingeka ahambe naye. Ngakho Wayengenakuthatha u-Abrahama . . . noma athathe uSara, ngaphandle kokususa ingxenye ka-Abrahama, ngoba laba bobabili bamunye.

<sup>42</sup> Umfanekiso omuhle wethu namuhla, abangafanelekile, abafanelwe ukufa ngenkathi sona, kodwa uNkulunkulu akakwazanga ukusibulala, ngoba Uzo . . . siyingxenye kaKristu. Niyabo? Lowo ngumusa wethu, ngoba sisebunyeni noKristu. Ngabe akusiwo yini umcabango omuhle, ubunye noKristu na? Ngakho ngakho-ke, izono zethu, uma sizenza, sifanele sizivume masinyane, ukuthi “ziyiphutha,” ngoba uNkulunkulu ubengathatha impilo yethu. Kodwa iGazi liyaphendula esikhundleni sethu, futhi uNkulunkulu angeke aleqe leloGazi. Niyabo? Angeke nje akwenze, ngoba isithembiso ukuthi angeke Akwenze. Ngakho Angeke ephule isithembiso saKhe uQobo. Niyabo? Ngakho uNkulunkulu uzithole qobo lwaKhe, njengoba kwakunjalo, wathungwa. Niyabo, Angeke aphule isithembiso saKhe. Futhi WaKwethembisa ngaleloGazi, okholwayo waba nokuPhila okuPhakade, futhi Angeke asephule lesa sithembiso.

<sup>43</sup> Ngakho siyathola ukuthi u-Abrahama, ngokulalela, washiya ikhaya lakubo, washiya izwe lakubo, futhi wehlukaniswa nayo yonke into, sonke isikhundla sakhe sasemhlabeni, impahla, ukuba ahambe aye ezweni elingaziwa, egongobala. Umfanekiso

weBandla. Sicelwa ukuthi sishiye konke okukulelizwe, ukuze silandele uKristu.

<sup>44</sup> Manje, sithola u-Abrahama elandela, unyaka nonyaka. Futhi wahamba nengxenyethile, okwakunguyise, futhi wafakhona lapho. Wabe esethatha umshana wakhe, okwakunguLoti, noLoti wazehlukanisa yena uqobo ngenxa yokuphikisana, futhi waya ezansi ukuba ahlale eSodoma, nokho wayeyingxenyeka-Abrahama. Futhi uNkulunkulu wanika izwe nakho konke okwakungaphakathi ezweni, ku-Abrahama, waba yindlalifa yakho konke. UNkulunkulu wathi, “Buka empumalanga, antshonalanga, enyakatho, naseningizimu, futhi konke okwalo kungokwakho nenzalo yakho emva kwakho. Lonke elakho!”

<sup>45</sup> Manje, ngolunye usuku u-Abrahama kwamhambela kanzinyana, futhi uLoti kumhambela kalula, ebhukuda esonweni. Kulula kanjani pho futhi isono sibukeka sijabulisa kanjani, futhi sibukeka simsulwa kanjani. Manje, lapho uLoti esho lokhu, “Inqobo nje uma ngikholwa! Ngikholwa kuNkulunkulu, ngakho kungani ngingehleli lapha eSodoma, futhi—futhi kuzoba kahle. Ngiyikholwa.” Kodwa kwakungalungile.

<sup>46</sup> Niyabona, uNkulunkulu, ngenkathi Ebiza u-Abrahama, Wambiza ukuba azehlukane nayo yonke into. Futhi yilokho esidingeka ukuba sikwenze. UNkulunkulu usibizela ekwehlukani okuphelele nesono, “Phumani phakathi kwaso, ningabi ngabahlanganyeli kuso!” Sigweme, khona kanye ukubukeka kobubi. Ukwehlukana, ukushabalaliswa okuphelele kuso! Hlalela kude naso. Unganyatheli emihlabathini yaso, akunandaba ukuthi sikanjani—kanjani...sibukeka kahle kanjani.

<sup>47</sup> Nina bantu, ningahle nicabange lapha manje, nakhu, “Mfowethu Branham, mina—mina ngezinye izikhathi ngiyalingeka ukuthi ngebe, noma ngezinye izikhathi ngiyalingeka ukuthi ngibheme.” Noma ngezinye izikhathi abesifazane bacabanga ukuthi, “Ngilingwa ukuba ngigqoke njengabantu bezwe, niyazi, izingubo zokugqoka zokungaziphathi kahle nezinto. Ngiyalingwa,” amanenekazi amancane. Manje, ucabanga ukuthi lokho kuyalingana, kuthiwani-ke ngalapha lapho ufanele uqaphele wonke umnyakazo omncane, niyabo, enkonzweni. Kuyinto enkulu kanjani pho ngalapha, futhi yini abazofanele bayiphendulele. Ngoba, ufanele uphendule ngomphefumulo wakho uqobo, kodwa thina sizofanele siphendulele wonke umuntu esikhuluma kuye. Niyabo? Ngakho uSathane uhlala njalo...Lapho ungathi khona, wena: “Akusiyo yini ingubo yokugqoka enhle encane na? Konke kuyiphutha ukuyigqoka, kodwa ayiyinhle yini na? Ingangenela kahle nje.” Kukuphi kimi...Manje, lokho, uyazi ukuthi lokho kuyiphutha. Kodwa kumfundisi, “Ufanele uye kulomhlango lapha, lona yiwo nje. Bathi

muhle kakhulu, ibandl- . . .” Kepha nokho ufanele ulinde futhi uzwe uNkulunkulu ethi “hamba,” niyabo. “O, ungake uye yini ngalapha futhi ubone lomuntu lapha na? Lokhu *yilokho-nalokho*.” Futhi ufanele ubhekisise, uqaphele. Niyabo? O, kuse kakhulu. Futhi manje sifanele siqaphele lezo zinto.

<sup>48</sup> Manje, u-Abrahama kwadingeka abhekisise, naye. Kodwa yena, esikhundleni sokwehlela eSodoma noLoti, wazehlukanisa futhi wenyukela ogwadule, wathatha indlela nabambalwa abedelelekile beNkosi. Lokho kufanele ukuba yisimo sethu sokuziphatha. Thatha indlela nabantu bakaNkulunkulu kunzakhathaleki ukuthi kunzima noma kulula, hamba noma kanjani. Lungela ukuhamba nganoma yisiphi isikhathi, manje, nomaphi lapho Angakubizela khona.

<sup>49</sup> Manje, emva kokuba lokhu sekuvelile, khona-ke nakho—nakho kuza inkosi eyayihamba endledlaneni yempi nesizwe esincane sabantu phezulu lapho, futhi yatheleka phansi esigodini futhi yakhipha onke amaqembu amancane, imibuso emincane, futhi yathatha, ingena eSodoma futhi yathatha inkosi yaseSodoma neGomora, yathatha uLoti (umshana ka-Abrahama), umkakhe, amadodakazi akhe, abantwana bakhe, bonke, nayo yonke impahla yabo, konke ababenakho, baqhubeka njalo, ihlanza izwe lapho ihamba. O, into eyenyanyeka kangaka pho, inkokhelo yesono ngukufa! ULoti waqonda, akungabazeki, ehamba ngalapho futhi mhlawumbe ne—nentambo noma iketango entanyeni yakhe, njengesigqila; abantwana bakhe, amantombazane amancane azodlwengulwa; nomkakhe, nayo yonke into, futhi mhlawumbe bafa noma ngasiphi isikhathi. Akalalelanga umyalo owodwa, futhi mhlawumbe ayongena komunye umbuso ndawondawo ukuthi abe yisigqila zonke zinsuku zakhe.

<sup>50</sup> Kodwa u-Abrahama, ngenkathi ethola ukuthi uLoti wayekade ethathiwe, lokho kwakuyingxenye yefa lika-Abrahama. Futhi kungenzeka ukuthi u-Abrahama washo lokhu, “Nkulunkulu, Ungitshele ukuthi uma ngiyoKulalela futhi ngihambe phakathi lapha, kulelizwe, Ubuyongipha lokhu. Kungokwami. NoLoti uyingxenye yalokhu, futhi ngiyamlandela.” Ngakho wakha impi, noma wabutha izinceku zakhe ndawonye, futhi wazihlomisa. Wase ethatha izinceku zakhe, futhi waphuma walandela waze waxosha wathola lenkosi nayo yonke lena eminye imibuso emincane. Bukani ukuthi babeyibutho elikhulu kangakanani khona-ke! Kodwa ngaphansi kokuqondisa kukaNkulunkulu, uJenene oMkhulu, wazehlukanisa, wase ewela phezu kwabo wabulala amakhosi, futhi wabuyisa uLoti nayo yonke imibuso emincane, wababuyisela kubo, ezweni lakubo lendabuko futhi.

<sup>51</sup> Isithombe esinje pho sikaKristu ku-Abrahama lapho, elandela isitha ebesithumbe konke, noKristu uyafika wase esibuyisa futhi.

<sup>52</sup> Manje siyathola kulendaba enkulu ukuthi u-Abrahama, endleleni ebuyayo, ebuya emva kokuba ukunqoba sekuphelile, wahlangana noMnikazi wamaZulu nomhlaba, uMelkisedeki, oyiNkosi yaseJerusalema, iNkosi yaseSalema, okwakuyiJerusalema, oyiNkosi yokuThula, eyiNkosi yokuLunga. Wayengenayise, Wayengenanina, Akazange aqale futhi Akayikuphetha, ngakho lokho kwakungelutho ngaphandle kukaSomandla. Futhi Wahlangana naye endleleni eya ekhaya, ebuya ukuyobulala inkosi. Wahlangana noMnikazi, Lowo Ongumnikazi wazo zonke izinto wahlangana naye endleleni ebuyayo. Into enhle kangaka pho! Manje u-Abrahama . . .

<sup>53</sup> Ngiyakuthanda lokhu. U-Abrahama wayeyindlalifa yakho konke, ngesithembiso, ukuze akwazi ukudla konke okwakungaphakathi ezweni, nezwe qobo lwalo. U-Abrahama wayenikezwe isithembiso. Manje, siyaqonda ukuthi u-Abrahama wayeyindoda empofu kunabobonke ezweni lonke, ngoba wayehlala ogwadule, futhi ehlala ngokuthula noNkulunkulu. Futhi uLoti, onothile, wayehlala edolobheni futhi waba ngumbusi wedolobha; wayehlala esangweni, wayengumahluleli, futhi wehlulela idolobha, futhi wayenawo wonke umcebo nezinto. Kodwa u-Abrahama wayesogwadule, kanye ne . . . mhlawumbe indoda empofu kunabo bonke ezweni, kodwa nokho ezisho ukuthi unakho konke. Amen! Yilokho engikuthandayo.

<sup>54</sup> O, kulobubusuku, singahle singabi ngabanothile kule izimpahla zezwe, kodwa sinazo zonke izinto. IBandla, qobo Lwalo, linazo zonke izinto. Nokho nje empofu, kepha enothile futhi enazo zonke izinto. Ngiyakuthanda lokho. Yena . . . Si—sinjalo. Iculo elidala esasivame ukulicula eminyakeni eyedlulile, “UBaba wami unothile unezindlu namazwe, Uphethe umcebo womhlaba esandleni saKhe! Amarubi namadayimane, nesiliva negolide, amabhokisi aKhe agcwele, Unemicebo engakhulumekiyo.” Futhi singumnikazi wayo, ngoba singumntwana weNkosi. Amen. Umntwana uhlala njalo eyindlalifa, siyazi. Kulungile.

<sup>55</sup> U-Abrahama wayekwazi ukulibamba, nakuba nje wayempofu, izinkomo zakhe zazilambile; uLoti wathatha indawo enhle kunazo zonke. Amanzi akhe ayemancane. Izinsuku ezishisayo, futhi abelusi babesenkingeni, futhi yonke into yayibukeka sengathi yayingahambi kahle ngo-Abrahama, kepha nokho wayengumnikazi wayoyonke into.

<sup>56</sup> Futhi, namuhla, ikholwa langempela lilahlelwa ngaphandle phakathi kwabantu, libizwa ngo “hlanya, umgingqiki ongcwele,” noma olunye uhlobo lwegama elithukayo, noma uhlobo oluthize lohlanya lwenkolo, kanti nokho uyindlalifa emaZulwini onke nomhlaba. “Babusisiwe abamnene, bayakudla ifa lomhlaba.” O, he! Ukhuluma ngokukufuqela ngaphandle phakathi endlini yezingodo noma ndawondawo, futhi uze

ungabi ngisho nemali eyenele ukukhokha irenti yakho, ube kanti ungumnikazi wakho konke. Amen. Ufanele usebenze futhi ukhandleke futhi ujulukele amadola ambalwa, ukwenza iholo... ukuphila kahle, ukuba ufake izicathulo ezinyaweni zabantwana bakho, futhi ukuba wondle umlomo wabo omncane olambile, kepha nokho, uyindlalifa yakho konke okulapha. “Abamnene bayakudla ifa lomhlaba.” Bayalidla. O, he, ngiyakuthanda lokho! Umnikazi womhlaba! Yini lokho na? Ikhohla. Ikhohla linetayitela, incwadi yelungelo lobunikazi, kunjalo, ngoJesu Kristu, ukuthi “Uyakuba ngumnikazi wayo yonke lendalo.” Kunjalo. “Abamnene bayakudla ifa lomhlaba.”

<sup>57</sup> U-Abrahama waye-waye, wayengalithatha lelozwe, ngoba... futhi okwakukulo. UNkulunkulu wamnika lona. Futhi uLoti wayeyingxenye yalelozwe. Ngakho u-Abrahama wayenelungelo kulo. Wayekwazi-wayekwazi ukubiza noma abambelele kulo. Wathi, “Manje, Nkulunkulu, Wangenzela isithembiso, ukuthi elaliyikho lelizwe nakho konke okukulo kwakungokwami, futhi Wenza isithembiso. Manje isihlobo sami somndeni sithathiwe, nakho konke ebesinakho kuhambile.”

<sup>58</sup> Ngamanye amazwi, uma bengingakusebenzisa namuhla, bengingathi, iBandla lingathi, “Nkosi Nkulunkulu, nangu umfowethu, ulele lapha, ushaywe ngumdlavuza, uhlaselwe isifo sofuba, unokuthi-nokuthi. Ngibambe isithembiso, siyifa lami. Wena, Wangitshela kunjalo!” Amen! Nakho lapho ukhona. Khona-ke, khona-ke ungakwazi ukulandela lesi sitha, lowodeveli, bese uyambulala ngokufanayo nje njengoba u-Abrahama abalala amakhosi futhi wabuyisa ifa lakhe. Amen. Ngiyakuthanda lokho. Kubhekiswe ekholweni.

<sup>59</sup> Kepha nokho u-Abrahama wayenelungelo esithembisweni, futhi isithembiso sasingesakhe, nokho wayedingeka ukuthi alwe ukuze asithathe. Amen. Nakho lapho ukhona. Ikhohla namuhla, nokho siyizindlalifa kuzo zonke izinto, nokho siyizindlalifa kuso sonke isibusiso sikamoya, sonke isibusiso senyama, sonke isibusiso iBhayibheli elisithembisayo, nokho ufanele ulwe lonke iyintshi laso. Yileyo ndlela uNkulunkulu akuhlele ngayo. Bekuhlala njalo kungaleyo ndlela. Ufanele ulwe ukuze uthole lokho okwaziyo ukuthi kungokwakho. Ufanele ulwe ukuze ukuthole. Futhi yilokho esifanele sikwenze manje.

<sup>60</sup> Wena uthi, “Mfowethu Branham, ngidinga ukuphiliswa.”

<sup>61</sup> Isithembiso singesakho. Kodwa, uma uke usithole, ungeke usithole kalula, ngizokutshela lokho. Kuzodingeka usihlwithe kuSathane. USathane uthumba impilo yakho, unelungelo lokuya ku-kuSathane, uthi, “Kubuyise! Kwedlulisele! Ngiza eGameni leNkosi, uMnikazi wamaZulu nomhlaba, futhi ngiyindlalifa yaKhe. Kubuyise! Uthathe umntanami, wamhlanganisa nomfana ongalungile. Uthathe umfana wami futhi wamhlanganisa nentombazane engalungile. Ngiyababiza! Kunjalo. Ngibiza abantwana bami, ngibiza umfowethu, ngibiza

udadewethu. Yebo, Sathane, ubathathe endlini kaNkulunkulu, wabayengela ngaphandle lapho, kodwa sengiyabalanda. Ngiyababiza.”

“Awu, wazi kanjani na?”

<sup>62</sup> “Ngiyindlalifa yezinto zonke. Amen. Nginikezwe khona. Ngiyindlalifa, ngingabiza yonke into uNkulunkulu angethembise yona.” Amen. Nakho lapho ukhona. “Ngokwami.” Ukuthola kanjani, ngabe yinto oyenzile na? Qhabo, mnumzane. Isipho esingasifanelwe uNkulunkulu asinike sona, futhi esethu, singesethu. USathane ngeke akwazi ukusibamba uma uya kuye ngeZwi eligunyazayo lo—lomBhalo, nokukholwa, ukuthi, “Okwami! Kubeke phansi.” Amen. Udumo! Ngiyakuthanda lokho. “Sathane, kubeke phansi. Ukuthathe kimi. Kubuyise, ngoba ngikunika isaziso. Nginaso isaziso esibhalwe khona lapha eZwini, ‘Kodlula amaZulu nomhlaba, kodwa lesisaziso singeke.’ Ngakho ngiza nalesi saziso, ukuzokunikeza sona, ukuthi uJesu Kristu wathi noma yini engiyicela kuBaba eGameni laKhe Uzonginika khona. Uma ngithi kulentaba, ‘ngqokuleka,’ futhi ngingangabazi enhliziyweni yami, kodwa ngikhohle ukuthi lokho engikushilo kuzokwenzeka, ngingabanakho engikushilo. Kubeke phansi!” Lokho kumenza aqale. Akumqalisi, kumenza agijime. “Kubeke phansi, ngoba ngize ngegunya lomBhalo. Ngiyikhohle.” Uyakuthola na? Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane.

<sup>63</sup> Yini ayefanele akwenze kuqala, u-Abrahama, ukuze enze lokhu na? Yena kwadingeka abeke ukukholwa kwakhe phezu kwesisekelo sedwala eliqinile lesithembiso seZwi likaNkulunkulu. Bukani, into kuphela ayenayo kwakuyisigejane esincane nje sezinceku, mhlasimbe idazini. Futhi lapho kwakukhona mhlasimbe idlanzana lenkulungwane yendoda, ahlomile. Futhi indoda yakhe yayingesiwo amasosha, ayeyizinceku, abantu bezinkomo, abantu bezimvu, abelusi; mhlawumbe benemimese esithombile emidala abebeyicoshe ndawondawo, futhi yayilele e...ngaphandle lapho, futhi nezimvula eziningana zawela phezu kwayo, yayisithombile. Kodwa u-Abrahama wayengabuki ummese othombile, noma ukungabi nasihlangu nhlobo. Wayebeka ukukholwa kwakhe phezu kweZwi likaNkulunkulu. Nakho lapho ukhona. Yilokho okukwenzayo. Yilokho.

“Uzobalwisa kanjani uma ufika lapho na?”

<sup>64</sup> “Lokho akukho kimi. Kukimi ukubeka kuphela ukukholwa kwami kulokho uNkulunkulu akushilo. Kungokwami, ngizolandela okungokwami.” Amen. Manje, uma abantu abagulayo bengakubona lokho, ukugula sekuthi akuphele nje ngaleso sikhathi-ke. Niyabo? Impela.

<sup>65</sup> Lapho isoni singabona ukuthi awufanele wona! Inqwaba yabantu, bayona ngoba bafanele ukuba bone. Leso yisimo

esidabukisayo uma wena uthi u “fanele wone.” Kodwa uma usuqonda ukuthi awufanele ukuba wone nhlobo! Kunabantu abavele nje basukume futhi bakuthuke futhi bakuhleke ebusweni bakho, futhi—futhi bakubize nge “silima” nayo yonke enye into, bayizoni zangamabomu. Niyabo, khona-ke akusekho themba ngabo. Kodwa lowo muntu owenza okuthize njalonzalo, abafuni ukukwenza. U—uyeba, akafuni ukukwenza. Futhi uqamba amanga, akafuni ukukwenza. We—wenza izinto angafuni ukuzenza, akafuni ukuba yisoni. Kunamathemba ngaye uma nje ungake umenze abone ukuthi yini iQiniso. Niyabo? Woza esithembisweni sikaNkulunkulu futhi ubeke ukukholwa kwakho kulokho, bese uyaphuma uya kuleso sitha. Angeke nje asakwazi ukubambelela kukho kade, yilokho kuphela nje, ngoba ngokwakho.

<sup>66</sup> Manje, ake sibuke lomfo manje. Lapha u-Abrahama wathi, “Ngiyindlalifa. Lokhu ngokwami, konke okukulelizwe ngokwami. Ngoba uNkulunkulu . . . Angikakutholi okwamanje.” Kodwa wayenakho, kwakungokwakhe, nakanjani.

<sup>67</sup> Manje siyizindlalifa zezinto zonke. Ngabe kunjalo na? Siyizindlalifa zazo zonke izinto. IBhayibheli lisanda kusho kanjalo lapha. Siyindlalifa yezinto zonke, yonk’into. Asikathathi okwamanje, kodwa kungokwethu. Amen. O, inkazimulo! Angikabi ngisho neyintshi lendawo, kodwa lonke ngelami, noma kanjani. Impela. Lonke ngelethu, ngelabantu, iBanda, amakholwa, uMlobokazi kaKristu ungumnikazi walo lonke ichashaza lalo. IRussia iyalilwela, i-United States ilwela *lokho*, nalokhu kulwela *lokhu nalokhu* ngaleya, bese-ke besibiza ngokuthi “siyahlanga.” Hlala nje uthule, ngelakho, noma kanjani. Amen. Bonke bazoba yizindlalifa zalo, noma kanjani, ngakho bayekeleni baphikisane futhi baqhumisane. Lingelethu. Siyilaba abalitholayo. Bangeke ngisho bacabange nokucabanga ngalo, kodwa thina siyacabanga, noma kanjani. Yenza, noma kanjani!

<sup>68</sup> Ngubani obengacabanga ukuthi indoda encane empofu phezulu lapho, lezo ezincane ezizacile, izinkomo ezimathambo phezulu phezulu kwegquma, wayengumnikazi wakho konke kwakho na? Yonke iPalestine yayingeyakhe. Yebo, mnumzane. Ngakho ngenkathi efika endaweni lapho kufika elamanqamu, uNkulunkulu wafakazisa ukuthi unaye. Wathatha lelolanzana lendoda futhi waphumela lapho wase ewabulala onke, futhi wabuyisa konke okungokwakhe. Amen. Ngiyakuthanda lokho. Ngani na? Wabeka ukukholwa kwakhe phezulu kweDwala likaNkulunkulu lesithembiso. Kubiza lokho-ke. Akazange akhe esinye isisekelo, ahambe ajoyine inhlangotho noma athole into enje. Wabeka ukukholwa kwakhe phezulu kwaleso Sithembiso! Amen. Yilokho-ke, kuleso Sithembiso, futhi lapho wamasha waqhubekela phambili! Inkemba ethombile noma



kungesiyo inkemba ethombile, akwenzanga mehluko kuye, wayenokukholwa kwakhe kubekwe eSithembisweni.

<sup>69</sup> Futhi uma uza ngaphambili ukuzokhulekelwa, uma ufuna insindiso, uma ufuna ukuphilisa kukaNkulunkulu, akunandaba ukuthi yini, uma ulikholwa, uyindlalifa yaso sonke isithembiso. Ngakho beka ukukholwa kwakho phezu kwesithembiso bese uyamasha uya phambili, bese utshela uSathane uthi, “Kubuyise! Kubuyise! Ngokwami.” Ungamvumeli akukhohlise. Yima khona lapho emgqeni, uzokubuyisa. UNkulunkulu uthe uzokwenza, ngakho ufanele akwenze. Lelo yigunya lakho. Kunjalo, indlalifa yezinto zonke!

<sup>70</sup> Wahhala kuleso sisekelo, iZwi elethenjisiwe, futhi wayenendlalifa. Wayeyindlalifa, ngakho wayazi. Kulungile, mnumzane, emva kokuba isithembiso sesiqinisekisiwe kuye, wayenenhlanganyelo noMethembisi (Ngiyakuthanda lokho) emva kokuba uNkulunkulu enze isithembiso. Futhi-ke, niyabo, u-Abrahama wayengakaze abe nokunambitha ngaphambili, ngakho wa... kwalolohlobo. Ngakho wayazi ukuthi konke kwakungokwakhe, futhi lesa kwakuyisithembiso, nokho wayengadengeki ukuba alwe impi. Wayengazi lutho ngakho. Wa—wayengesuye umuntu oqeqeshelwe ukulwa. U-Abrahama wayengesiso isilwi, wayengumlimi. Futhi u-Abrahama wayengeke akwazi kwenza lutho, ngoba wa—wayengesilo isosha. Amadoda akhe yayingesiwo amasosha, babengabalimi. Ngakho into kuphela ayengayenza kwakungukuthi nje athathe isithembiso sikaNkulunkulu, abeke ukukholwa kwakhe phezu kwesithembiso futhi aphume, akulandele. Ngakho-ke ngesikhathi u-Abrahama ebona lokho, futhi wathola lesa sithembiso, futhi wathola ukuthi uNkulunkulu ukuqinisekisiwe kuye, ukuthi Uyasigcina isithembiso saKhe... Amen! Nakho-ke.

<sup>71</sup> Uma ungakaze umemukele uMoya oNgcwele namanje, awazi lutho ngaWo, futhi into ethize enhliziyweni yakho iyakutshela ukuthi uyaMfuna, wena hlala khona lapho nje. Lokho ukuPhila okuPhakade, yilokho oyindlalifa kukho. Hlala khona lapho, futhi ubuke uSathane ngqo ebusweni bese uthi, “Wena ungumphangi, nguwe lowo! Ngizele ukuzothatha lokho uJesu Kristu afela ukuba ngibe nakho, manje kubuyise! Suka endleleni yami!”

<sup>72</sup> Khona-ke, into yokuqala uyazi, uMoya oNgcwele uzothululeka phezu kwakho. Khona-ke kwenzeka okuthize. Kukhona okuzokwenzeka. Kuyini lokho na? UNkulunkulu uqinisekisiwe ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe. Yilokho kanye nje. Khona-ke, niyabo, khona-ke emva kokuba ubona iZwi liqinisekiswa kuwe, ukuthi usindisiwe, unaye uMoya oNgcwele, bese kuba yini-ke na? U-Abrahama wayezuze ukunqoba, nangu emasha ebuya; wayeya ezansi, nokukholwa kwakhe kulele eZwini ukuthi angakubuyisa, lokho abelahlekelwe

yikho, futhi nangu ebuya nakho, emasha ngemashi yomnqobi. Yinto efanayo nawe ongayenza. Uma ungenakho ukuPhila okuPhakade, cela uNkulunkulu. Vuma izono zakho, kholwa eNdodaneni kaNkulunkulu, yemukela umbhaphathizo kaMoya oNgwele, futhi uthi, “Nkulunkulu, ngizela Wona, ngizele ukuzoMemukela.” Khona-ke uzobuya, ukumasha komnqobi. SewuMtholile. Amen. Ukhanya nje, he, izinyoni zicula ngokwehlukile, futhi wonke umuntu. . . Usothandweni nawo wonke umuntu ngaleso sikhathi. Leyo nzondo endala, ububi, ukuxabana sekuphelile. Thanda wonke umuntu! O, uba nje nesikhathi esihle kakhulu, ukucula, ukumemeza, ukudumisa uNkulunkulu. Ungakhathazeki ukuthi omunye uthini ngawe. Kulungile. Impela, ekumasheni komnqobi!

<sup>73</sup> Khona-ke Ngubani oza ukuzomhlangabeza na? Ngubani oza ukuzomhlangabeza na? NguMelkisedeki. UMelkisedeki weza ukuzomhlangabeza emva kokuba iZwi lakhe seliqinisekisiwe. UMelkisedeki Nguye omnika iZwi. Khona-ke wabeka iZwi laKhe. . . ukukholwa kwakhe eZwini, wathola ukunqoba futhi wabuya, wase-ke eba nenhlanganyelo. Amen. Manje, ngase uzokwenza, futhi. O, iZwi laKhe liyoba yinto entsha kuwe, uma nje uke wemukela umbhaphathizo kaMoya oNgwele. O, he!

<sup>74</sup> O, wena uthi, “Angikwazi ukubona lezi zinto. Angikholelwa ekumemezeni. Angikholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Angikholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu.” Kuvele kukhombise nje ukuthi awukaze uthole ukunqoba. Kunjalo. Kodwa ngesinye isikhathi uthola ukunqoba, khona-ke unakho. Khona-ke unakho. Yebo, mnumzane, ngakho-ke usungakwazi ukumemeza. Ngi. . .

<sup>75</sup> Nibonile ngesinye isikhathi ngangivamise ukucabanga ngokusina eMoyeni, ukubona othize esukuma futhi asine eMoyeni. Manje, ngikubonile ukubhuqwa okubekwe kukho, kodwa ngiyibonile into yangempela, futhi. Ngakho, ngase ngithola ukuthi, kungani abantu besina eMoyeni na? Awu, angikaze ngimbone oyedwa ephuma endleleni, angikakamboni oyedwa eziphatha kabi. Ngi—ngihlala ngikubona njalo kuhloniphekile futhi kuhlelekile kumnandi, ngisho nezoni zigijimele e-altare futhi zisindiswe ngenkathi kuqhubeka. Awu, ngangizibuza ukuthi kungani kwakunjalo, futhi ngase ngithola ukuthi ngakunqoba.

<sup>76</sup> UDavide wasina phambi kweNkosi, lapho uMphongolo ubuyiselwa khona endaweni yaWo yokuphumula. Amen. Ngenkathi uDavide ebona iZwi, njengoba Kwakunjalo ngalesosikhathi ngezibhebhe zetshe, ibuyiselwe endaweni yaLo efanele, uDavide wajabula futhi wasina eMoyeni, ezungeza ezungeza ezungeza. Ngani na? Wabona iZwi libuyela endaweni yaLo. Amen.

<sup>77</sup> Lokho iZwi elikudingayo, akuveli kwelinye ikholiji lezenkolo, kokunye ukuxubana kwesayense yezenkolo;

kodwa lowo wefashini endala, umshumayeli othunyelwe nguNkulunkulu ngemuva kwepulpiti, neZwi, ebona uNkulunkulu eLiqinisekisa, ubufakazi.

<sup>78</sup> Khona-ke uDavide wathi, “Udumo kuNkulunkulu, Yilokho-ke!” Futhi ezungeza futhi ezungeza futhi ezungeza futhi ezungeza. Umkakhe omncane ozenzangcono ehlezi phezulu lapho, eyindodakazi yenkosi, wathi, “Ngani, u—u—uyangihlaza.”

<sup>79</sup> Futhi uDavide wathi, “Awukuthandi lokho na? Buka lokhu!” Futhi wazungeza futhi wazungeza eqhubeka futhi. Yebo! O, he, isikhathi esinje pho ayenaso!

<sup>80</sup> Niyazi, uNkulunkulu wabuka phansi eseZulwini, wathi, “UDavide, ungumuntu wenhliziyo yaMi uQobo.” Niyabo? Niyabo? Ngani na? Wayesevele elahlekelwe kakade ukuziqhenya konke, wayesevele elahlekelwe kakade yikho konke okwakhe. Ebe kanti wayeshade nendodakazi yenkosi, kodwa lokho kwakungacatshangwa ngisho kancane khona-ke. Wazi ukuthi wayazana noMnikazi wamaZulu nomhlaba, futhi nali iZwi likaNkulunkulu libuya phakathi kwabo futhi, noDavide wayejabule kakhulu wasina. Wasina nje ngawo onke amandl’akhe.

<sup>81</sup> UMiriyemu, wadumela ithamborini wehlela osebeni, esina ngakolunye uhlangothi. Emva kokuba esewele oLwandle oluBomvu futhi wabona izitha zakhe ziminza, khona-ke wayengasina eMoyeni. Lapho ebona izitha ezazimhluphile, zifile, khona-ke wasina eMoyeni. Kunjalo. Manje, niyabo, ngemuva kokuba! Emva kokuba impi isinqotshiwe, khona-ke inkazimulo kaNkulunkulu iyehla.

<sup>82</sup> Manje, sithola ukuthi Wahlangana naye. Futhi emva kokuba isithembiso sesiqinisekisiwe, wa—waba nobudlelwane. UMelkisedeki waphuma ukuzobusisa u-Abrahama, futhi Wathi, “Akabusiswe u-Abrahama, futhi akabusiswe uNkulunkulu ka-Abrahama, uMnikazi wamaZulu nomhlaba.”

<sup>83</sup> O, he, ngikuthanda kanjani pho lokho, isithembiso sekholwa! Wena uthi, “Lokho kuhlenganisani nathi na?” Kulo lonke ikholwa! Isithembiso sekholwa ngukuPhila okuPhakade. Isithembiso sekholwa ngukuPhila, injabulo, ukuthula, ukukhuthazela, ubumnene, ukubekezela, izithelo zikaMoya, ukuphilisa kukaNkulunkulu, izinto eziyidazini engizibhale phansi lapha, cishe, lokho kungokwakho. Kungokwakho, kodwa ungeke ukwazi ukuba nakho uze ukulwele. Ngokwakho. Yonke into ebonwayo, yonke into yesikhashana ebonwayo, ingeyami. UNkulunkulu unginike yona, ngoba ngoKristu Wanginika yona. Futhi izinto ezingabonwayo zingezami. Amen. Ngiyakuthanda lokho! Lokho okubonayo, njengokuphilisa kukaNkulunkulu, kanjalonjalo, kanjalo, lokho kuhle, siyakuthakasela lokho; kodwa okungabonwayo!

84 Manje, isayensi ingacubungula ngapha futhi ithi, “Awu, ake sibone, ake ngithathe lendoda. Uthe iphilisiwe, ake ngiyithathe ngehle nayo futhi ngiyihlole. Ake ngibone ukuthi kwenzekani. Futhi uthi uke waba nesimila, mnumzane na?”

“Yebo, khona *lapho*.”

85 “Awu, ake nginikeze uwaningo lwesayensi futhi ngibone ukuthi asizange yini sishone phakathi futhi asikasuki. Uthi uke waba yimpumpu the futhi manje usuyabona. Ngazi kanjani na? Ake ngibuke ngokwesayensi futhi ngikubone.”

86 Manje, bebengake bacubungule kulokho, kodwa nokho ngi—ngiyindlalifa kulokho, futhi, yonke into yokwenyama. Futhi-ke nami ngiyindlalifa yezinto ezingabonwayo, lapho isayensi ingeke ikwazi ukucubungula. Amen. Amen. Izinto ezingabonwayo, amen, ngiyindlalifa kulokho. Yebo, mnumzane. Izinto ezibonakalayo, ngiyindlalifa kulokho. Lomhlaba wona kanye, ngiyindlalifa, uyindlalifa. Lonke ikholwa liyindlalifa, liyindlalifa kuwo. Kulungile, bese-ke okungabonwayo! Umnikazi wani na? AmaZulu nomhlaba. Amen. Zonke izinto! Niyakukholwa lokho na?

87 Wena uthi, “Mfowethu Branham, uthini-ke ngale ngaphandle la ungakwazi khona ukubona na? Wazi kanjani na?” Kusengokwami. Kunjalo. IZulu lingelami. Ngiyajabula ukuthi lingelami, uNkulunkulu washo njalo. Futhi lokho kunjalo. “Awu, awukaze ubone, wazi kanjani ukuthi kukhona lapho na?” Ngiyazi ukuthi kukhona, noma kanjani, uNkulunkulu washo njalo. “Wazi kanjani ukuthi uyindlalifa yalo, lapho ungakaze ulibone na?” Ngikholwa iZwi laKhe. Amen. Niyabo? Ngiyindlalifa, uyindlalifa kanye nami, sonke siyizindlalifa ndawonye ngoKristu Jesu.

88 Nike nanaka lapha kwabaseKorinte lapha, kwabaseKorinte besiBili, uPawulu wathi, ngisho nokufa, siyakunqoba ukufa. Kucabange nje. Ukunqoba ukufa na? Yebo, mnumzane, kuyasazi. Amen. Awu, udumo! Sengikhohliwe yilokho kuqhuma kwesibhamu manje, niyabo. Kungani engangibulalanga na? Ngoba wayengeke akwazi. Yingakho-ke. UNkulunkulu wayengakalungeli. Wayengeza ngangokufuna kwakhe, kodwa angeke akwazi ukukuthatha. Amen. Udumo! Ngikhokhele isikweletu sami kulokho esikhathini eside esedlule ngenkathi ngikholwa kuJesu Kristu Ophila kuze kube phakade. Manje ukufa kulalela lokho esikushoyo. Amen.

Wena uthi, “Umnqobi wokufa na?”

89 Yilokho uPawulu akusho lapha kwabaseKorinte. Ukufa, ngisho nakho, siyakunqoba. Ngani, ngesikhathi belungisela ukunquma ikhanda lakhe, wathi, “O, kufa, luphi udosi lwakho na? Luphi udosi lwakho na? Ngikhombise lapho ungangesabisa khona.”

<sup>90</sup> Ukufa kwathi, “Ngizokukhama bese ngikufaka phansi ethuneni, futhi uzobola futhi uvithike.”

<sup>91</sup> Wathi, “Kodwa, o, makabongwe uNkulunkulu,” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.” Yebo, mnumzane. Ukufa, isihogo, nethuna, ngikunqoba konke, ngoba Wasinqobela konke. Umnqobi!

<sup>92</sup> NjengoJoshuwa noKalebi babuya nobufakazi obubonakalayo bezwe elingabonwa elinikezwe abantu ngesithembiso. UJoshuwa noKalebi babuya nobufakazi obubonakalayo ukuthi lalikhona izwe elinjalo. Manje, phansi lapha babenesithembiso salo. UNkulunkulu wabanika isithembiso, futhi beza ngqo phezulu ezweni, kodwa babengakaze balibone, futhi uJoshuwa noKalebi bawelela ezweni elethenjisiwe futhi babuya nobufakazi obubonakalayo bokuthi izwe lalikhona futhi laliyindawo enhle, elichichima ubisi noju. Amen! Kwakuyini na? Babezolithatha lelozwe. Babenesithembiso. Babesindleleni yabo khona ngaleya, futhi basebecishe bebeseduze neJordani, noJoshuwa bawela futhi babuya nobufakazi obubonakalayo ukuthi kwakuyizwe elihle.

<sup>93</sup> Lokho nje uJoshuwa akwenzela abantwana bakwa-Israyeli (uJoshuwa usho u “Msindisi,” igama elithi Joshuwa), futhi yinto efanayo uJesu ayenzele iBandla ngenkathi beMbulala. Wanqoba ukufa. Wanqoba isihogo. Wanqoba ithuna. Waphinde Wavuka futhi nobufakazi obubonakalayo, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukuthi kuneZwe ngale komfula, abalibiza ngokuthi kumnandi kuze kube phakade. Amen. Uyabuya futhi wasilethela ubufakazi obubonakalayo. Benza ini, Mfowethu Branham na? Kukwenza uyekele amanga, ukweba, ukuphuza, ukwethuka, ukuziphatha kabi, yonk’into. Kukwenza isidalwa esisha. Mina obefile esonweni naseziphambekweni, noma kunjalo ngiyaphila, hhayi mina kodwa uKristu ohlala kimi. Ngiyisidalwa esisha kuKristu Jesu, amen, indlalifa esithembisweni. Haleluya! Yebo, mnumzane. Lelozwe lingelethu. Wazi kanjani na? UJoshuwa wavuka kwabafuleyo, wabuya nobufakazi obubonakalayo, uMoya oNgcwele. NginaWo. Amen. Whewu! Udumo! Ngiyindlalifa. O, umntwana weNkosi, umntwana weNkosi, indlalifa yazo zonke izinto! IBhayibheli lasho njalo. UNkulunkulu ofanayo—uNkulunkulu ofanayo onike u-Israyeli isithembiso salelozwe elethenjisiwe (kwakuyinto engabonakali kubo), leloBhayibheli elifanayo, lowo Nkulunkulu ofanayo wasinika isithembiso sokuPhila okuPhakade, noMoya oNgcwele ungufakazi wakho. UKristu uyaphila, akafule. Uhlala khona la phakathi kwethu, uphila ngaphakathi kithi, ngathi, usebenza eduze nathi. Amen.

<sup>94</sup> KwakuNguye ehlezi kulelo bhentshi phansi lapho ngelinye ilanga ngenkathi uSathane ebona ithuba lokungibulala, kodwa wayengeke akwenze. Amen. Futhi angeke nje akwenze aze uKristu athi sekulungele. Amen. Akukhathaleki ukuthi uza

amahlndla amangaki, uzobuyela emuva engaphethe lutho aze uKristu anikeze umyalo. Amen. Isithembiso, uNkulunkulu wakwethembisa. IZwi likaNkulunkulu elikwethembisayo, futhi siyakukholwa ngoba siyindlalifa.

<sup>95</sup> Ngiyindlalifa yokuphilisa kukaNkulunkulu. Ngiyindlalifa yenjabulo, nginelungelo lokuba ngijabule. “Ngakho yini ekwenza ujabule kangaka na?” Nginelungelo lokuba ngibenjalo. “Wazi kanjani na?” Ngoba ngiyindlalifa kukho. Amen! Whewu! Manje ngizizwa nginokukholwa. Yebo. Ngiyindlalifa yenjabulo. Ngiyindlalifa yokuthokoza. Ngiyindlalifa yokuthula. Ngiyindlalifa yokuPhila okuPhakade. Ngiyindlalifa kuMoya oNgewele. Amen. Ngiyindlalifa kubo bonke ubufakazi obubonakalayo Onabo. Amen. Ngiyindlalifa yegunya likaNkulunkulu. Amen. “Ngubani okwenze lokho na?” Akusimi; Ukwenzile yena. Nonke niyindlalifa yento efanayo.

<sup>96</sup> Indlalifa esihlalweni sobukhosi! “Lowo onqobayo uyohlala nami eSihlalweni saMi sobukhosi, njengoba naMi ngingobile futhi ngahlala eSihlalweni sobukhosi sikaBaba waMi.” Amen, indlalifa yazo zonke izinto! Hhayi into eyodwa kuphela nje; zonk’izinto! Yonke into ingaphansi kwezinyawo zakho. Ngisho nokufa kungaphansi kwezinyawo zakho, ithuna lingaphansi kwezinyawo zakho, isihogo singaphansi kwezinyawo zakho, isono singaphansi kwezinyawo zakho, yonke into ingaphansi kwezinyawo zakho. Wena uyindlalifa! Wena . . . Ufile, nokuphila kwakho kufihlwe kuNkulunkulu ngoJesu Kristu, futhi uphinde wavuselwa ekuPhileni okuPhakade, futhi uhlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. O, he! Whewu! Sibize nganoma yini oyifunayo, sibize ngalokho ofuna ukusibiza ngakho, uthi sisangene uma ufuna, kodwa siyizindlalifa. Izindlalifa zani na? Zonk’izinto.

<sup>97</sup> “Ngabe uyindlalifa eTabernakele likaBranham na?” Qhabo, ngiyindlalifa yazo zonke izinto. Kokubili okubonwayo, okwamanje, nokwesikhathi esizayo, kuyo yonke into, ngiyindlalifa kukho.

<sup>98</sup> Futhi sonke isono nobubi sekubekwe ngaphansi kwezinyawo zami, ngomusa kaJesu Kristu. Wavuka ngokusa kwePhasika, wanqoba ukufa, isihogo nethuna, futhi wangenza indlalifa, futhi wathi, “Linda ngaleya futhi ngizokunika isithembiso.” Futhi inceku yaKhe egcotshiwe enegunya yathi, “Isithembiso ngesenu nesebantwana benu, nakubo abakude, ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Ngiyindlalifa. Amen. Amen. UJesu wakufakazela kithi, ekuvukeni kwaKhe ekufeni. O, he.

<sup>99</sup> Uma sesingene kulezo zinkundla zempi phakathi kokufa nokuPhila! “Ngiyisoni, Mfowethu Branham.” Awufanele ubeyiso. Uyisoni ngoba uyafisa ukuba yiso. Awufanele ubeyiso. Isikweletu sesivele sikhokhelwe.

<sup>100</sup> “Mfowethu Branham, ngifisa sengathi ngabe benginenjabulo.” Ungaba nayo. Uvumela uSathane nje akuphange emalungelweni uKristu awafela. Ngiyindlalifa kukho. Konke ngokwami. Yonke into ayifela, ingeyami, ingeyakho. Singabantwana baKhe, siyizindlalifa zakho, yonke into Ayifela.

<sup>101</sup> Manje, uma ungena kuleyo nkundla yempi. “A, ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Uyazi, uzo—uzo—uzobe sewenza ngendlela ehlekisayo. Futhi kuzoba khona into ethize, kuzoba yinto eyehlukile.” Angikhathali ukuthi yini eyehlukile, ngiyindlalifa kukho. Yilokho ukuPhila, futhi ngiza emva kwaKho. Kunjalo.

<sup>102</sup> Yilokho okumele kubeyinhloso yaso sonke isoni. “Ngiza ukuzoWemukela phezu kwezisekelo zikaMoya oNgcwele olapha manje futhi ungitshela ukuthi ngize futhi ngiWemukele. Owami. Ngingeke ngiphakame ngize ngiWuthole. Ngingeke ngibe uhlanga. Ngizohlala lapha ngqo, angikhathali ukuthi inoma yini ehambayo. Ngingeke ngiyekele ukukhuleka uze Ungiphe uMoya oNgcwele, Nkosi, futhi ngiyazi ukuthi Uzokwenza khona manje. Uma kukhona into eyiphutha empilweni yami, ngitshela ngayo futhi ngizoyenza. Kuyini, Nkosi, ngizohamba ngikulungise.”

<sup>103</sup> Uma uNkulunkulu engembuli lutho, uthi, “Ngakho-ke, Sathane, ngizela Wona. Ungeke usaqhubeka nokuma lapho kade, suka endleleni yami!”

<sup>104</sup> Nakho lapho ukhona, indlalifa yezinto zonke. Indlalifa yokuPhila okuPhakade. Indlalifa yokuphilisa kukaNkulunkulu. O!

Indlalifa yensindiso, ethengwe  
nguNkulunkulu,  
Ezelwe ngoMoya waKhe, yagezwa eGazini  
laKhe.

Lena yindaba yami, leli yiculo lami,  
Ukudumisa uMsindisi wami usuku lonke.

Ukuzinikela okuphelele, konke  
kusekuphumuleni,  
Mina kuMsindisi wami ngijabulile futhi  
ngibusisekile;  
Ngibhekisisa futhi ngilindile, futhi ngibuka  
ngaphezulu,  
Ngigwaliswe ngokulunga kwaKhe nothando.

Haleluya! Nakho lapho ukhona. Lena yindaba yami, futhi leli yiculo yami. Ngiyindlalifa yensindiso. Yini insindiso na? Yinto onikezwe yona. Yisipho. Ngiyindlalifa yensindiso. Nhloboni na? YokuPhila okuPhakade. Insindiso yomphefumulo wami, insindiso yomzimba wami, insindiso yokukhandleka kwami, insindiso yayo yonke into. UNkulunkulu wangenza indlalifa yazo zonke izinto ngoKristu, futhi Wafa, wavuka, futhi

wabuyela emuva futhi waletha ubufakazi obubonakalayo, futhi waKuthululela phezu kwethu. O, he! Udumo! O, he!

<sup>105</sup> Manje, ukhuphukela phezulu lapho, wenzani na? Uma uhamba nje njengoba u-Abrahama enza, wenyukela lapho nalesosithembiso. “Nkulunkulu, Ungitshele ukuthi ngokwami. Nginokholo esithembisweni saKho. Ngiletha iZwi laKho. Wakwethembisa lokhu. Wena wathi, ‘Cela, futhi uzophiwa. Funa, uzothola. Cela, kuyakunikezwa. Ngqongqotha, kuyakuvulwa.’ Nangu mina, Nkosi. Ngilapha. Ngiyangqongqotha, ngiyafuna, ngiyacela. Ngifanele ngiKwemukele.” Nakho lapho ukhona. Kukhona okwenzekile-ke, o, uma ubeka leloZwi phansi.

<sup>106</sup> Bukani uSathane akwenza ngesikhathi uJesu ebeka phansi iZwi phezu kwakhe. “Futhi Kulotshiwe futhi...” Wagxuma wasuka kulowoWaya, njengoba ngishilo ngobunye ubusuku. Yebo, mnumzane. Bese-ke kwenzekani, emva kokuba usunqobile na? Unqoba kanjani na? Ungakwazi yini ukukwenza wena ngokwakho na? Qhabo. Omunye wakuhambela ngaphambili futhi wakunqobela. NguKristu. Ngiyindlalifa nje kuphela yakho. Angidingi ukuthi ngenze noma yini. Ngiyindlalifa yesithembiso. Into kuphela engifanele ngibe nayo, ngukubeka ukukholwa kwami esithembisweni saKhe. Niyakubona na?

<sup>107</sup> “Mfowethu Branham, ngabe ufanelwe yilokho na?” Qhabo. “Ucabanga ukuthi ngifanelwe yikho na?” Qhabo. “Ucabanga ukuthi umBhishobhi ufanelekile na?” Qhabo. “Ikhona yini indoda efanelekile na?” Qhabo. “Awu, ngani na?” Wena uyindlalifa.

<sup>108</sup> Uma ubuyisidakwa esikhulu kunazo zonke emhlabeni, nobaba wakho wakushiyele amadola ayizigidi, kungakhathaleki ukuthi ufanelekile noma qhabo, indlalifa yakhe—yakhe—yakhe, uyindlalifa yefa likababa wakho. Noma ngabe yini akushiyele yona, ngeyakho kungakhathaleki ukuthi ufanelekile noma qhabo. Ukushiyele wena. Amen.

<sup>109</sup> Ngangiyisoni, kodwa ngiyindlalifa. Ngangingalungile, hhayi okwamanje, kodwa ngiyindlalifa. Bekufanele ngife futhi ngiye esihogweni, kodwa ngiyindlalifa. Ngiyindlalifa yani na? YokuPhila okuPhakade. “Wazi kanjani ukuthi uzoKuthola na?” NgiKuzwile. UMoya oNgewele uKulethile. UJesu wavuka kwabafuleyo ukuze Kuzoza. Futhi manje seKufikile, futhi Kuyafakaza futhi kuqinisekisa kanye nje lokho Okwathi Kuzokwenza. Ngedlulile ekufeni ngangena ekuPhileni. Sengibe, yisidalwa esisha kuKristu Jesu. Khona-ke ngiyindlalifa. Yebo, mnumzane. Manje sengisukumasheni kwami. Amen. Izinto zicekiwe. Yini zonke lezo zinto ezidelelekile engizenzile na? Njengoba nje uMiriye mu enza. Buka emuva laphaya, nazo lapho zikhona, zifile, zingcwatshwe olwandle lokukhohlwa, eNcwadini yeNcwadi enkulu kaNkulunkulu eZulwini. Sekuvele kwenzekile. Igama lami kade lafakwa



kuleyoNcwadi, futhi kade libekwe uphawu, futhi lafakwa olwandle lokukhohlwa, neNcwadi entsha, enegama elisha lilotshwe phansi eNkazimulweni. Futhi ngokwami. Ya. Manje siyindlalifa yakho konke, khona-ke.

<sup>110</sup> Ngakho-ke njengo-Abrahama, uNkulunkulu wamtshelani na? “Lelizwe lingelakho. Okukuleli kungokwakho. Buka empumalanga, enyakatho, entshonalanga, naseningizimu, konke ngokwakho, yonke into lapha. Ngifuna ukuba ungene ezweni labafokazi, futhi ngizokwenza ube yindlalifa yalelozwe. Ngizokunika lokhu, wena nenzalo yakho, emva kwakho kuze kube phakade.” Manje, u-Abrahama, into kuphela ayefanele ayenze yayingkubeka ukholo lwakhe kuleso sithembiso, athathe inkemba yakhe futhi asuke ahambe. Lapho kufika isikhathi esibucayo, wafika phansi lapho noNkulunkulu wam’lwela impi yakhe. Futhi lapho elwa impi, wabulala amakhosi.

<sup>111</sup> Futhi nango lapha ebuya, amen, kuyo yonke indawo manje. Mfowethu, wayengamemeza. Nizwa zonke izinsizwa ezimemezayo zidumisa iNkosi! Nakhu kuza u-Abrahama, futhi Ngubani lona ophumela ukuzomhlangabeza na? NguMelkisedeki, iNkosi yaseSalema. Futhi bukani ukuthi benzani. Emva kokuba impi seyiphelile, babengahlala phansi futhi badle isinkwa newayini. INkosi yakhapha isinkwa newayini. Wamenzela ini na? Emva kokuba impi seyiphelile, emva kokuba ukunqoba sekuzuziwe, khona-ke babengahlala phansi bese bedla isidlo senkosi ndawonye, bexoxisana bese bedla isidlo senkosi ndawonye. O, yilokho uNkulunkulu afuna abantwana baKhe bakwenze kulobubusuku.

<sup>112</sup> “Ngakho-ke kuthiwani-ke ngawe, Mfowethu Branham na? Kuthiwani ngaleloBandla okhuluma nalo na?” Siyinzalo ka-Abrahama, bayiNzalo yaseBukhosini ka-Abrahama. Siyimbewu ka-Abrahama, ngesithembiso, ngoKristu Jesu siba yinzalo ka-Abrahama futhi siyizindlalifa kanye naye ngokwesithembiso. Khona-ke uma u-Abrahama wayeyindlalifa, ngiyindlalifa. Ngiyindlalifa kanye no-Abrahama, futhi kanjalo nawe. Futhi kwafika kanjani na? Ngenzalo yaseBukhosini ka-Abrahama, ebinguKristu Jesu, Lowo owethenjiswa, ngokukholwa. U-Abrahama wemukela indodana, njengovela kwabafileyo. Futhi nathi semukela iNdodana eyayingasiyo ngisho nendodana, futhi ayikho indlela yokufika lapha, futhi uNkulunkulu waMenza futhi waMthumela kithi. Futhi Ufika futhi wakhokha inhlawulo yezono zethu, nangokufa kwaKhe ngiba yindlalifa. O, he. Nakho lapho ukhona. Futhi konke ukukhohlakala kukadeveli kungasemuva. Akabongwe uNkulunkulu!

<sup>113</sup> Ukunqoba! Bangaki abanqobile, kulobubusuku na? Ake sibone isandla sakho, “Ngomusa kaNkulunkulu ngingobile.” Akadunyiswe uNkulunkulu. Niyazi ukuthi ngicabanga ukuthi yini esifanele siyenze manje na? Ngisanda kuqala nje khona

lapha futhi nginigcina ingxenye yobusuku. Asibe nenkonzo enhle nje yokuzinikela, sinikele ukuphila kwethu kabusha kuNkulunkulu. Bangaki abazizwela ukuthi bangathanda ukwenza lokho na? O, nginabangaphezulu koyedwa manje, nginezandla zombili eziphakeme, nenhliziyo yami, futhi. Ngifuna impilo yami ukuba ikhulumele uKristu. Ngifuna ukuzinikela kabusha kuKristu. Ngifuna intando yaKhe yenziwe, eyami ukuba ibekwe ngemuva, futhi—futhi intando yaKhe ukuthi yenziwe. Ngifuna ukuba nokumasha komnqobi. Hhayi ngoba kuyimi; ngenxa yokuthi ngiyazi ukuthi iVangeli alishumayela liyahlopheka namuhla ngenxa yemibhedesho yamahlelo eyenziwe ngumuntu nakho konke okunye. Ukunqoba okukhulu esimele sibe nakho kubanjwe isitha. Nkulunkulu, ake ngihoshe leNkemba, aYibenzezele futhi imanyazele, futhi ngimashe ngiye phambili. Makuthi intando yami ibe ngemuva, neZwi laKhe lihambe phambili kanjalo, iNkemba ebukhali esika nhlangothi zombili ivula indlela.

114 Asime ngezinyawo zethu manje futhi sizinikele qobo lwethu kabusha. Ngamunye wenu ngendlela yenu, zinikele eNkosini. Asiphakamise izandla zethu manje kuNkulunkulu, ngamunye.

115 Baba wethu oseZulwini, kulobubusuku sizinikela qobo lwethu kuWe ngakho konke esikwaziyo ukuthi kanjani. Siyazi ukuthi siyizindlalifa zezinto zonke. Ukwethembisile, Nkosi Jesu, futhi siyakukholwa. Manje, singeke size sikwazi ukukwenza ngaphandle uma Wena, Nkosi...ngaphandle kokuthi thina qobo lwethu sibeke ukukholwa kwethu esithembisweni saKho. Manje, Wena wathi, eBhayibhelini, “Odlala iNyama yaMi futhi aphuze iGazi laMi unokuPhila okuphakade, futhi angeke asaya ekulahlweni, kepha uyokwedlula...wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Odlala iNyama yaMi futhi aphuze iGazi laMi unokuPhila okuPhakade, futhi Ngizomvusa ngosuku lokugcina.” Yilesa isithembiso. Yilokho Okushilo. Yilokho esikukholwayo.

116 Futhi, Nkosi Nkulunkulu, O Moya oNgwele, hamba phezu kwethu. O, hamba, Nkulunkulu! Hamba, O Nkosi, kithi. Moya kaNkulunkulu ophilayo, semukele, Nkosi. NgeGama likaKristu semukele. Ngingewelise, ngibumbe, ngilolunge, O Nkulunkulu, ngibe semfanekisweni weNdodana kaNkulunkulu. Ngithathe, Nkosi, ngingowaKho. NgiKunika lelibandla. Nginikela umphefumulo ngamunye lapha kuWe, kanye nowami, Nkosi. Manje sibumbe futhi usimise ngendlela ethize, futhi asikhohlwe yizindlela zethu ezimbi zesono, futhi sazi ukuthi kuphela nje uma sibeka ukukholwa kwethu—kwethu, ukukholwa esinakho, eZwini laKho elethenjisiwe, Uzosithwala sisuke ekunqobeni siye ekunqobeni. Ukwethembisile.

117 USathane angeke asilimaze, Nkosi. Angenza konke angakwenza, futhi angeke asithinte. Ngesikhathi Umkhululela kuJobe ngesinye isikhathi, Wena wathi, “Ungakuthathi ukuphila

kwakhe.” Wenza konke ngaphandle kokuthi akuthathe. Kodwa akakwazanga ukukwenza, ngoba isithembiso saKho sasisekhona kuJobe.

<sup>118</sup> Futhi, Nkulunkulu, UsenguNkulunkulu ofanayo nanamuhla. Uyabavikela abangabaKho. Siyazi ukuthi iQiniso, futhi sizinikela kabusha. Geza imiphefumulo yethu egcwele isono, Nkosi, njengoba sivuma ukukholwa kwethu. Futhi, Kristu Jesu, semukele. Futhi uma siqala ukudla lesi Sidlo seNkosi, Nkulunkulu, khuluma ezinhliziyweni zethu. Sitshela manje ukuthi sinephutha kuphi. Sikhombise lapho sinephutha lethu khona, Nkosi. Siphenduka ngokuzithoba kulo. Ngokuzithoba ngibeka zonke izono zami phezu kwe-altare, Nkosi. Ngizibeka ngokuzithoba eZwini laKho, Nkosi, nasesihawini saKho.

<sup>119</sup> Nangu mina, Nkosi, yenza kimi njengoba Ubona kufanelekile. Yilokho ukukhala kwalelibandla, Nkosi, “Yenza kithi njengoba Ubona kufanelekile.” Ngingazikhulumela ngami—ngami uqobo, Nkosi, kodwa ngiyakholwa ezinhliziyweni zabo bakholwa into efanayo. Yenza kithi njengoba Ubona kufanelekile. Siyakholwa. Sifuna ukuba yizindlalifa, futhi siyazi ukuthi siyizindlalifa kuphela nje uma sihlala kuKristu Jesu. Siyindlalifa kanye naYe phambi kweSihlalo sobukhosi.

<sup>120</sup> Manje yiba nathi. Philisa ukugula phakathi wethu, Nkosi. Uma kukhona umzimba ogulayo lapha kusihlwa, wuthinte, uwuphilise, uwelulamise. Siphe khona, Nkosi. Uma kunomphefumulo ogulayo, kwangathi ungaphiliswa khona manje. Akuthi lowomphefumulo okhubazekile uqondiswe. Kwangathi amadolo agulayo alengela phansi nezandla ezibuthakathaka zingaphakama ngenkazimulo nezinhlokomo kuNkulunkulu. Kwangathi izindlela ezigwegwile zingaqondiswa. Kwangathi kungaba khona umgwaqo omkhulu ehlane kaNkulunkulu wethu.

<sup>121</sup> Nkosi, siyakholwa ukuthi Uyeza masinyane, futhi ake siqhumise phambili iZwi laKho, Nkosi, futhi senze umgwaqo omkhulu ehlane, izindawo ezigwegwile ziqonde, ukwenzela iNkosi yethu. Asiqhumise yonke impande yehlelo. Asiqhumise yonke impande yobumnyu, siqhumise yonke inzondo, umona nokuxabana, ukuthi iZwi likaNkulunkulu eliyiqiniso lingageleza njengemifula yenjabulo. Siphe khona, Baba. Sizinikela kuWe manje nje ngaphambi kokuthi sidle lesi Sidlo seNkosi. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

<sup>122</sup> Lapho, uDadewethu Spencer esafuna umkhuleko ngomzimba wakhe! [UDadewethu Spencer ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] UNkulunkulu akubusise, Dadewethu Spencer.

Baba oseZulwini, lona wesifazane omdala ongcwele, nalona ohlezi. Ubona owesifazane okhubazekile. “Ayikufaneli yini lendodakazi ka-Abrahama ukuba iphiliswe ngosuku

lweSabatha na?” Futhi manje mhlawumbe iningi labangani bakhe, Nkosi, abangani abadala eyejwayele ukubajabulisa, labo bafundisi, njengoba behlezi endlini yakhe, sebekade bahamba, abaningi babo, sebethatha umgwaqo omkhulu omkhulu oya eZulwini. Usesele yedwa, Nkosi, njengobufakazi. Akekho omunye manje, abantwana bakhe nje, futhi mhlawumbe umngani lapha nalaphaya, Nkosi, isihlobo manje nanini-nini. Kodwa ume yedwa njengehlathi elikhulu elipheshulelwe phansi, nesihlahla esisodwa sishiyiwe. Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzobuka phansi ngesihawu, Nkosi, ukuthi uthathe izimpande wazijulisa phansi. Futhi ume egqumeni laseKalvari, Nkosi, ajuliswe okwempande futhi asekelwe ekuKholweni kukaKristu. Ngibeka izandla zami phezu kwalona owesifazane omdala othandekayo futhi ngiyala lelifindo ngaphansi kolwimi lwakhe, ukuthi kumshiye futhi alulamiswe. EGameni likaJesu Kristu. Amen. UNkulunkulu akubusise. Siyabonga, Dadewethu Spencer. Kuzokwenziwa. Ungakungabazi nje nakancane. Kulungile.

Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,  
Wena Wundlu laseKalvari,  
Msindisi wobuNkulunkulu;  
Manje ngizwe ngisakhuleka,  
Susa zonke izono zami,  
Kanjalo ungangivumeli ngiphambuke  
Eceleni kwaKho!

Lalelani, culani kanye nami manje.

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama  
kwempilo,  
Nezinsizi ezingizungezile zanda,  
Yiba nguMholi wami;  
Yala ubumnyama bube yimini,  
Sula izinyembezi zokudabuka,  
O makuthi mina kusukela namhlanje  
Ngibe ngowaKho wonke!

<sup>123</sup> Kusukela ekujuleni kwenhliziweni yakho manje, nguNkulunkulu kuphela okwaziyo, kusukela ekujuleni kwenhliziyo yakho, ngabe ukusho ngempela lokho, “Makuthi mina kusukela namhlanje, Nkosi, ngibe ngowaKho wonke”? Masicule leyongxenyeyokugcina futhi.

Ungangivumeli ngike ngiphambuke  
Eceleni kwaKho.

<sup>124</sup> Manje sonke kanyekanye. Melusi Omkhulu wezimvu, Wasifundisa ukuba sikhuleke kanje. [UMfowethu Branham nebandla bakhuleka kanyekanye—Umhl.] Baba wethu OseZulwini, maliNgcweliswe iGama laKho. Umbuso waKho mawufike. Intando yaKho mayenziwe emhlabeni, njengaseZulwini. Siphe namuhla isinkwa sethu semihla

ngemihla. Futhi usithethelele iziphambeko zethu, njengoba nathi sibathathelela labo abasonayo. Futhi ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi; ngokuba uMbuso ungowaKho, namandla, nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen. Ningahlala phansi.

<sup>125</sup> Ngicelwe ukukhulekela umntwana kaDadewethu Shepherd. Kusanda kufika nje engqondweni yami ukuthi bashayile esikhashaneni esedlule ngenxa yomkhuleko womntwana, futhi ngimkhulekele. Ngibe nengxoxiswano ukuhlangana khona lapha, futhi angikwazanga ukuya ngasendlini. Kodwa bathe intombazanyana ibigula futhi ibe nomkhuhlane, futhi ithi ukugogobala, okungangabazeki nje ukuthi igciwane elizungezayo. Niyazi ngalo. Ngezinye izikhathi imisipha yabo iyadonseka kangangoba ufanele uze uyisebenze uye emuva naphambili ngezandla zabo, njengoNkk. Haley nabaningi phansi lapha. Kuyigciwane elizungezayo. Futhi yena... nganikela ngomkhuleko. Futhi ngathi uma lomntwana engabingcono kuze kube yihora lesishiyagalolunye noma isikhathi esivala ngaso inkonzo, ukuthi ashaye lapha futhi sizozza; uma umntwana wayengcono, kulungile. Ngakho ake sizithobe manje, ngaphambi kokuba sidle isidlo senkosi, sikhulekele lowomntwana.

<sup>126</sup> Nkosi Jesu, leyongane encane, angazi ukuthi indala kangakanani noma akukho lutho, kodwa ungomunye wabafundi bethu abathandekayo lapha, Nkosi, omunye wamakholwa ethu. Ngumntwana wabo, kaDadewethu Shepherd noMfowethu Shepherd, igugu elincane ukuthi Wena ubanike lona, Nkosi. Sikhulekela ukuthi Uzolilonda, futhi ulibusise futhi ulivikele, futhi uliphilise futhi ulenze lisinde. Siyakubiza njengamanje nje. Emva kwalomlayezo, siyakubiza lokho. Sikubizela inkazimulo kaNkulunkulu, ngokusho kweZwi laKhe. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi ukugula kungasuka kulowo mntwana. Futhi kwangathi umntwana angelulama futhi asinde, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Manje sekukhulunyiwe, manje kuzokwenziwa. Amen. Niyakholwa na?

Uma sethemba futhi singangabazi neze,  
Uzokukhipha ngokuqinisekile;  
Yisa umthwalo wakho eNkosini futhi uwushiye  
lapho.

Yishiye lapho, o, yishiye lapho,  
Yisa umthwalo wakho eNkosini futhi uwushiye  
lapho;  
Uma wethemba futhi ungangabazi neze,  
Uzokukhipha ngokuqinisekile;  
Yisa umthwalo wakho eNkosini futhi uwushiye  
lapho. (Yilokho kuphela okwenzayo.)

Uma umzimba wakho ulinyazwe ngobuhlungu  
 nempilo yakho ungakwazi ukuyibuyisa,  
 Khumbula nje uNkulunkulu eZulwini  
 uyawuphendula umkhuleko;  
 Manje, uJesu uyabazi ubuhlungu obuzwayo,  
 Angasindisa futhi Angaphilisa;  
 Yisa umthwalo wakho eNkosini futhi  
 uwushiye.

127 Manje masixhawulane sisacula lelivesi lokugecina.

Wushiye lapho, (inhlanganyelo, niyazi,  
 ukuhlanganyela) wushiye lapho, (ayibongwe  
 iNkosi!)  
 Yisa umthwalo wakho eNkosini futhi uwushiye  
 lapho;  
 Uma sizokwethemba futhi singangabazi neze,  
 Uzokukhipha ngokuqinisekile;  
 Yisa umthwalo wakho eNkosini futhi uwushiye  
 lapho.

128 O, Akamangalisi yini na? Manje, manje ngokuvuma kwethu,  
 ukukholwa kwethu, ukuvuma kwethu izono zethu, sikholwa  
 ukuthi zonke izono zethu zisolwandle lokukhohlwa. Lowo  
 ozovuma izono zakhe, uNkulunkulu unobulungiswa ukuba  
 azisuse. Niyabo? Ziphakathi o—olwandle lweGazi likaJesu  
 Kristu, ezingeke zisakhunjulwa nhlobo. Bangaki kini besifazane  
 owaziyo ukuthi yini isisusamabala na? Yini nonke. Manje, ake  
 nje sithathe ubhavu omkhulu kakhulu ogcwele iClorox, leso  
 yisisusamabala esisodwa, ubhavu omkhulu kakhulu ogcwele  
 iClorox. Futhi-ke uzothatha isiconsiseli esincane, futhi uneconsi  
 elilodwa likayinki omnyama kuleso siconsiseli, leso yizono  
 zakho. Yima ngqo phezu kukabhavu, bese ukukhamela phansi,  
 bese ubuka phansi phakathi obhavini ulifune. Uba yini na? Uba  
 yini uyinki na? Uma ushaya kuleso sisusamabala, besinamandla  
 kakhulu nje savele sakhapha umbala kuwo, ungeke usaphinde  
 ubekhona. Kuyini na? Usuhambile, usulahleke phakade. Kuyini  
 na? U—uyinki qobo lwawo uba yiClorox. Lelo yiGazi likaJesu  
 Kristu kuso sonke isono esivunyiwe. Siyini na? Sikhohlwakele,  
 sesiphelile, sesiqediwe, seqiwe, sehlukani siwe, silahliwe.  
 Singeke sisaphinde sikhunjulwe ngokumelene nawe.

129 [Udade ukhuluma ebandleni—Umhl.] Ukhona obiza  
 igama lami, ndawondawo. [Udade ufakaza ngokuthi usanda  
 kuphiliswa nje.] Awu, ayidunyiswe iNkosi! Usaphila!  
 Bongani iNkosi. Sibonga iNkosi. O Nkulunkulu, ukuthi  
 siKudumisa kanjani ngobuhle baKho pho. Yebo, umphefumulo  
 omncane othobekile emuva laphaya othinte, iNkosi imthintile.  
 Kulungile. UngumPristi oMkhulu ongathintwa ngokuzwelana  
 nobuthakathaka bethu.

130 Khumbulani, lonke iZwi liyiHange, liqinile futhi  
 liqinisekile. Akukho okunga...Niyabona na? Vele ubeke

ukukholwa kwakho ngqo phezu kwalo futhi unganyakazi, uhlale lapho nje. Manje, ungeke ukwazi ukuthi ungakubeka phansi lapho bese uyakudumela futhi uthi, “Ngizokuzama futhi.” Kubeke lapho. Hlala lapho nakho ngqo. Yebo, mnumzane. Njengoba u-Abela enza, ufe emicabangweni yakho uqobo. Vele uthi, “Nkulunkulu, iZwi laKho, akusikho engikucabangayo. IZwi laKho. Nalo-ke.” No-Abela wafela phezu kweDwala. Futhi, ukuthi, Uzothinta njengoba nje Enzile udadewethu laphaya. Kulula kanjalo nje.

<sup>131</sup> Sizama ukukwenza...Asikwenzi. USathane uzama ukukwenza kubenzima, niyazi, uthi, “O, niyazi, lokho kwakungokusuku oselwedlula,” nakho konke lokho. Labo ngabangakhohwa nje.

<sup>132</sup> Kodwa kini nina enikhohwayo, Uyigugu. Manje akavunyelwa, impela; kodwa UyiTshe eliyigugu eliza eTsheni eliphilayo, iTshe eliyigugu, iTshe elikhulu leGumbi. O, he. O, lowo othinta leliTshe usephilisiwe! Yilokho kuphela. Amen.

<sup>133</sup> Manje, asibongi yini eNkosini na? Ngijabulile nje, ngiyajabula kakhulu ukuthi iNkosi inguNkulunkulu. Amen. Ngijabula kakhulu ukuthi UnguBaba onothando, ogcwele isihawu, ohlonipha iZwi laKhe, ogcina iSivumelwano saKhe, angaSikhohlwa. Uyasigcina iSivumelwano saKhe. Ufanele, UnguNkulunkulu, WaSenza. UnguMthombo walolonke iQiniso. Niyabo? Angeke ibekhona enye into ngaphandle kweQiniso elimsulwa ngaso sonke isikhathi. Lonke iZwi Alikhulumayo aliphosisi. Futhi leli yiZwi laKhe. Futhi, O Nkulunkulu, vumela ukukholwa kwami kungabi nasiphosiso kuLo, amen, khona-ke Lingaba ngelingaphosisi njengoba iZwi lingenasiphosiso, khona-ke iZwi kulolohlobo lokukholwa lizokhiqiza noma yini iZwi elithe lizokwenza. Amen. Ngakho, ngihlanze, Nkosi. Ngivivinye, ngihlanze, ngiphilise, ngivikele, ngibusise, nginike izihawu zaKho, ngumkhuleko wami kuNkulunkulu. Amen.

<sup>134</sup> Manje, ngizofunda elinye leZwi manje, elitholakala kwabaseKorinte bokuQala, isahluko 11, ivesi lama 23.

*Ngokuba mina ngakwamukela eNkosini lokho, nenganinika khona, Ukuthi iNkosi uJesu ngalobo busuku... akhashelwa ngabo wathabatha isinkwa:*

*Futhi Wabonga, wasihlephula, wathi, Thabathani, futhi nidle: lokhu kungumzimba wami, ohleshulelwe nina: lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.*

*Kanjalo wathabatha...wathabatha nesitsha, futhi emva kokudla kwakusihlwa, wathi, Lesi isitsha sesivumelwano esisha egazini lami: lokhu makube kini, ngezikhathi zonke nisiphuza ngazo, ukuba ningikhumbule.*

*Ngokuba njalo nxa nidla lesi sinkwa, futhi niphuza lesi sitsha, nimemezela ngaphambili ukufa kweNkosi ize ifike.*

*Ngakho-ke lowo odla lesi sinkwa, futhi aphuze lesi sitsha seNkosi, ngokungafanele, unecala legazi, umzimba negazi leNkosi.*

*Kodwa umuntu akazihlolisise, khona-ke akadle isinkwa, futhi aphuze isitsha.*

*Ngokuba odlayo aphuze ngokungafanele, uzidlela aziphuzele ukulahlwa, uma engawahlukanisi umzimba weNkosi.*

*Ngenxa yalokhu baningi phakathi kwenu abagulayo nababuthakathaka, . . . abaningana balele.*

*Kepha uma sizahlulela thina, besingayikwahlulelwa.*

*Kepha nxa sahlulelwa, siyalaywa yiNkosi, ukuze singalahlwa kanye nezwe.*

*Ngakho-ke, bazalwane bami, nxa nibuthana ukuba nidle, lindana nomunye, anolindana.*

<sup>135</sup> Manje ake ngisho lokhu. UJesu wasinika lomyalo ngaphambi kokuba Aye ekufeni kwaKhe, azi ukuthi Wayeya lapho. Abafundi basazibuza ukuthi Wayekhuluma ngani, ngesikhathi beloba lokhu phansi. Kodwa Wathi, “Lesi sitsha yiSivumelwano esiSha seGazi laMi. Lokhu kwenzeni njalo lapho nisidla futhi niphuza, nibikezela ukufa kwaMi ngize Ngifike.” O, lawomaZwi ayigugu!

<sup>136</sup> Abafundi akungabazeki ukuthi bazibuza, “Usho ukuthini, ‘kubikezela ukufa kwaKhe’? Singakwenza kanjani lokhu na?” Nakhu konke okwakuyimfihlakalo kubo, kodwa hhayi kuYe. WayenguNkulunkulu. Wayazi ukuthi Ufanele enzeni. “Ukubikezela . . .” Ngakho Wathi, “Lapho nibuthana ndawonye ukuba nidle . . .”

<sup>137</sup> Manje, “Odlal futhi aphuze, ngokungafanele,” owenyukela lapha futhi azisho ukuthi ungumKristu, athathe umzimba weNkosi, bese eya ngaphandle futhi aphile nezwe futhi—futhi aphike uKristu namandla aKhe, nezinto ezinjalo, wenza ihlazo elikhulu kuNkulunkulu. Wena—wena wenza ihlazo kuKristu, ngakho ungasithathi. Kodwa uma uzama ngakho konke okukuwe, ukuphila kahle nokukhombisa ukuthi ungumKristu, ukuthi uyamthanda uJesu Kristu, khona-ke kungumsebenzi wakho ukukwenza.

<sup>138</sup> Futhi manje ngale . . . Ngiyakholwa ukuthi nguJohane oNgwele, isahluko 6, uJesu wathi, “Odlal iNyama yaMi futhi aphuze iGazi laMi unokuPhila okuPhakade, futhi Ngizomvusa ngosuku lokugcina.” Manje, leso yisithembiso, akusiyo into ekhazimulayo na? “Ngizomvusa.”



139 Uke wakucabanga nje ukuthi kungani ube lapha na? Ukuthi ni—ukuthi niyelani esikoleni, bantwana na? Usebenzelani, baba na? Yini ekwenza uvuke, nomama, ekuseni, futhi niyise abantwanyana esikoleni, ugeze ubuso babo, futhi undlule imibhede futhi upheke, futhi—futhi wenze konke na? Ungene, ukhandlekile ngalobo busuku, futhi ngosuku olulandelayo uqale into efanayo. Ukwenzelani lokhu na? Kungani usebenza futhi ugqilazeke, baba, nayo yonke into na? Ungene ebusuku, futhi ukhathela, futhi omunye wabantwana aqale ukugula futhi uhambe kwiphansi, futhi ukhale futhi ukhuleke futhi uzabalaze, futhi belulame; bese ubuyela emuva, futhi ukwenze futhi. Futhi njalo ngeSonto ugeza ubuso babo, futhi ubaethe ezansi esontweni. Futhi, awu, kumayelana nani konke na? Uzele ini lapha na? Ngabe yilokho kuphela kwakho na? He, lokho koba usizi impela, futhi wazi ukuthi ufanele uhambe noma kanjani. Niyabo? Kumayelana nani konke na?

140 O! Mfowethu, isikhathi sokuhlolwa, isikhathi sethuba! Yithuba lokwemukela Lokhu. Ngitshele okuthize ukuthatha indawo yaKho. Ngitshele okungcono kunaLokho. Khiqiza noma yini ezweni, ube yinkosi yomhlaba, ubuse umhlaba nezulu, ube nguKhrushchev noma uKennedy, noma ngabe yini ofisa ukuba yiyo, uzofa ngokufanayo nje. Kunjalo! Awazi ukuthi kuzofika nini, noma ngamuphi umzuzu. Kodwa lapha, uma ukufa kugadla, unokuPhila okuPhakade futhi ungeke ufe, ngesiqiniseko sikaNkulunkulu wayo yonke indalo, OnguMnikazi wamaZulu nomhlaba, “Ngiyomvusa futhi ngosuku lokugcina.”

141 Wena Siza ukungakholwa kwami, O Nkulunkulu. Gwalisa umphefumulo wami, O Nkulunkulu, ngihlanze, ngigcwalise, ngigcwalise ngamandla, ngithumele ngaphandle. Mangingafi, ngivumele ngiphile ukuze ngxoxe iNdaba. Ngivumele ngiye kuzozonke izimfa nasemakhoneni omhlaba, futhi ngishumayele iZwi futhi ngihlwanyele imbewu, yebo, mnumzane, ukuze kube nesivuno ngosuku lokugcina, seZwi leqiniso elingaxutshwe nalutho, namakholwa kuKristu.

142 Ngabe izono zakho zingaphansi kweGazi, ngokukholwa kulobu busuku kuKristu Jesu na? Sizothatha isidlo senkosi manje. Hhayi isidlo; uyakhulumisana lapho usasidla omunye nomunye. Vele ukhulumisane noNkulunkulu. Isidlo akusiso isinkwa, akusilo iwayini, *isidlo* nguku “khuluma uphendulane noNkulunkulu.” Futhi lona ngumfanekiso esiwuthathayo, ukuthi sikholelwa ekufeni kwaKhe, umzimba ohleshuliwe, ukumbelwa kwaKhe nokuvuka, sikholelwa eBukhoneni bukaMoya oNgewe. Futhi sikholwa ukuthi Usinikeze ukuPhila okuPhakade futhi singeke sisafa, sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni. Futhi ngelinye ilanga lapho sehluhana omunye komunye lapha, siyovuka futhi ovukweni komunye nomunye, sihlangane ndawonye noKristu Jesu, njengoMzimba. Amen. Phezu kwalezi zesekele, nokuvunywa kwezono zami,

nokukholwa kwami eNdodaneni kaNkulunkulu, ngizithatha mina uqobo kanye nebandla phambi kwalemisebenzi uNkulunkulu ashiye ukuba siyenze, ukubikezela ukufa kwaKhe aze Afike.

<sup>143</sup> UJesu wathi, “Lona ngumzimba waMi ohleshulelwe nina. Wudleni, kwenzeni lokhu ukuze niNgikhumbule.”

<sup>144</sup> Baba wethu oseZulwini, emva kokuba sesizivumile izono zethu, ekuzweni iZwi laKho, emva kokuba sesivumile ukuthi asifanelekile, futhi sethembela kuphela emisebenzini emihle yeNdodana kaNkulunkulu. Siyizidalwa ezingafanelekile. Sithethelele, Nkosi, kukho konke esikwenzile. Futhi manje, ngokukholwa, siza etafuleni leNkosi. Futhi manje njengoba lesi sinkwa sinikezwa ukumelela umzimba weNkosi yethu, ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Wena uzokungcwelisela inhloso yakho ehlosiwe. Futhi kwangathi wonke umuntu ohlanganyela kulokhu babe nokuPhila okuPhakade emphefumulweni wabo. Futhi kwangathi wonke umuntu osidlayo aphiliswe emzimbeni wabo, futhi aphile isikhathi esimisiwe Obanike sona. Futhi kwangathi bangaKukhonza zonke izinsuku zokuphila kwabo, futhi bavuswe ngosuku lokugcina ovukweni, ukuba babuthwe ndawonye nezizwe zomhlaba ezihlengiwe ngeGazi likaKristu. Sipe khona, Nkosi, eGameni likaJesu siyakucela. Amen.

<sup>145</sup> IBhayibheli lathi, “Futhi Wathatha isitsha, futhi Esedlile, ethi, ‘Lesi yisitsha seSivumelwano eSisha, lapho niqhubeka niphuza lesi nimemezela ukufa kweNkosi ize iBuye.’”

<sup>146</sup> Baba oseZulwini, sibamba sibhekisa kuWe isithelo somvini kulobu busuku, leliwayini. Futhi siyakhuleka, Baba oseZulwini, ukuthi Uzongcwelisa leliwayini, limelela iGazi elachithelwa thina eKalvari. NgaleliGazi sinokuthethelelwa kwezono zethu, ngokukholwa emsebenzini ophelele kaJesu Kristu. Xolela okwethu. . .konke ukungakholwa kwethu, Nkosi, futhi usiphe ukukholwa nokuqonda, futhi usenze izinceku zaKho, Nkosi, ukuthi sikwazi ukuKukhonza zonke izinsuku zethu. Yiba nathi, Baba, njengoba sihlangana ndawonye kulelitafula, futhi usibusise kulenhlanganyelo enhle nokuxoxisana naWe. Futhi kwangathi Ungakhuluma ezinhliziyweni zethu futhi usikhombe emsebenzini wethu esifanele siwenze. Sipe khona, Nkosi. Ngcwelisa leliwayini ngenhloso elihloselwe yona. EGameni likaJesu Kristu siyakucela. Amen.



*UKUBA NAKHO KONKE* ZUL62-0506  
(Possessing All Things)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoMeyi 6 ngo 1962, eTabernakele Branham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2019 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)